

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### OKUHLOSIWE NGALESI SIFUNDO

Isifundo 3.1 sihlose ukukucobelela ulwazi mayelana nezindlela zokuhlela umndeni.

#### Imiphumela Yesifundo

Ekupheleni kwalesi sifundo abafundi kufanele bakwazi:

- Ukuchazela omunye umuntu, umndeni, kanye nomphakathi ukuthi kuyini ukuhlela umndeni kanye nezinzuzo zako
- Ukuchaza izindlela ezahlukene zokuhlela umndeni

#### Okuqukethwe Yilesi Sifundo

- Inzuzo yokuhlela umndeni
- Izindlela zokuhlela umndeni

#### Kutholakala

1. National Department of Health. The Primary Health Care Package for South Africa – a set of norms and standards. South Africa. 2000
2. USAID, Johns Hopkins & WHO. Family Planning – Global Handbook for Providers. 2006
3. National Department of Health. Guideline on Reproductive Health. South Africa. 2009
4. National Department of Health. The South African Antiretroviral Treatment Guidelines. 2013
5. National Department of Health. National Contraception Clinical Guidelines. 2012

#### Indima yakho njenge-CCG

Indima yakho njenge-CCG ukuchazela amaklayenti ukubaluleka kokuhlela umndeni nokuxoxa nawo ngezindlela zokuhlela umndeni ezikhona.

### 1. Kuyini ukuhlela umndeni?

Kubalulekile ukuthi umuntu wesifazane abe nolwazi mayelana nokuhlelwa komndeni ukuze azenzele izingqomo zokuthi ufuna ukukhulelwa nini, nokuthi uthanda ukuthola abantwana abangaki. Lokhu kubizwa ngokuthi ukuhlelwa komndeni, kunezindlela ezihlukene zokuhlela umndeni. Lezizindlela ziyachazwa lapha ngezansi.

Kungumsebenzi wowesilisa kanye nowesifazane bebambisene. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi babenolwazi ngalezindlela zokuhlela ukuze bakwazi ukuzikhethela indlela abazoyisebenzisa.

### Kusiza ngani ukuhlela umndeni

- Uma owesifazane ekwazi ukuhlela ukuthi ufuna ukukhulelwa nini, uyonciphisa amathuba okukhulelwa engafuni, nokukhulelwa okungaletha izidingo empilweni yakhe nomntwana
- Uma umama enesifo esingabeka impilo yakhe engozini uma ekhulelwe, kubalulekile ukuthi ahlele kuze kufike isikhathi lapho impilo isisesimweni esihle ngaphambi kokuthi akhulelwe. Isibonelo, umfutho wegazi ophakeme ungadala izidingo empilweni kamama kanye nomntwana wakhe. Bebambisene nodokotela bangahlela ukuthi umfutho wakhe wegazi ophakeme ungelashwa kanjani ukuze yena nomntwana baphephe
- Umama angakhetha ukuthi ufuna ukwelamanisa emuva kwesikhathi esingakanani. Lokhu kunika isiqiniseko sokuthi umzimba wakhe uwunika isikhathi esanele sokubuyela esimweni sawo ukuze akhulelwe esephile kahle yena nomntwana
- Ukuthola abantwana ngokuhlelwe kusiza umndeni ukuthi ukwazi ukunikeza abantwana ukudla okwanele, izingubo zokugqoka, nemfundo enganeni ngayinye
- Ukuhlela umndeni kulungele bonke abesifazane kanye namantombazane azibandakanya ocansini ukuze kuvikelwe ukukhulelwa. Amantombazanyana asemancane akhulelwayo abeka impilo yawo engozini kwazise imizinjana yawo ayikakulungeli ukuthwala umntwana kanye nokubeletha
- Emiphakathini ekhuthaza ukuhlelwa komndeni, maningi amathuba amahle futhi angcono emisebenzi, imfundo kanye nempilo engcono



### 2. Izindlela zokuhlela umndeni

Kubalulekile ukuthi owesifazane asizwe ukukhetha indlela engcono kuye yokuhlela umndeni. Lokhu kuya ngokuthi owesifazane ufuna ukuhlela okwesikhashana noma ufuna ukuvala inzalo.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3


## Isifundo 3.1

Ukuhlela  
Umndeni

### a. Izindlela Zesikhashana


#### Iphilisi

Lamaphilisi aphuzwa zonke izinsuku anomthamo ophansi wamahomoni abesifazane. Avimba ukudaleka kwamaqanda enzalo adaleka zonke izinyanga esibeledweni. Uma ephuzwa ngesikhathi esisodwa njalo, indlela ekahle kakhulu ukuvikela ukukhulelwa. Abesifazane abafuna ukulamanisa kufanele bacabangele wona ngoba ayashesha ukuphela egazini uma umuntu eseyekile ukuwaphuza.



#### Umjovo

Lona umjovo wamahomoni onikezwa njalo emuva kwezinyanga ezintathu. Usebenza kahle kakhulu, kodwa uma owesifazane esefuna ukulamanisa kuthatha izinyangana ngaphambi kokuba umzimba wakhe uqale futhi ukukhiqiza amaqanda enzalo.




#### Isivikeli Sangangaphakathi Kwesibeledho (Cu IUD)

Lena intwana eyakhiwe ngeplastiki nekhopha evikela iqanda elivuthiswe ngesidoda linganamatheli ezindongeni sesibeledho. Lendlela ayikwaayelekile eNingizimu Afrika kodwa iyatholakala emitholampilo ethile. Ibizwa ngokuthi iluphu.

#### Izivikeli ezifakwa ngaphansi Kwesikhumba (Sub-Dermal Implants)

Lezivikeli zifakwa nje ngaphansana kwesikhumba engalweni engenhla. Sidedela kancane-kancane inani lamahomoni esifazane emzimbeni. Lokhu kudala ukuthi umzimba uyeke ukudedela amaqanda esibeledweni. Ekugcineni lama divaysi enza ungwengwezi oluvikela isibeledho lube luncane okushukuthi; uma iqanda lingavuthiswa isidoda, ngeke likwazi ukunamathela esibeledweni.



#### Isivikeli Sangaphakathi ('Ushobishobi')

Lena yindlela yokuvikela ngokushutheka into efana noshobishobi emlonyeni wesibeledho evikela ukuthi iqanda lowesifazane eselihlangene nembewu yowesilisa linganamatheli odongeni lwesibeledho ukuze kukhule ingane. Ayisajwayelekile ukusetshenziswa eNingizimu Afrika, kodwa isatholakala emitholampilo ethile. Yaziswa ngokuthi 'ushobishobi'.

### b. Izivimba-Ketshezi (Barrier Methods)


Lezi yizindlela ezivimba isidoda sowesilisa ukuba singangeni emomozini ukuze singahlangani neqanda lenzalo kowesifazane; izibonelo: amakhondomu awabesifazane nawabesilisa, nezinye izivikelo ezivimba emlonyeni wesibeledho. Uma zisetshenziswe ngendlela efanele ziyavikela kodwa azithembekile kahle.

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.1 Ukuhlela Umndeni

### Amakhondomu

Amakhondomu yiyona ndlela yokuvimba esetshenziswa kakhulu. **Futhi awukuphela kwendlela evikela ukuthelelana ngesandulela-ngculazi nezifo zocansi.** [bheka iSifundo 4.10 mayelana noKuvimbela I-HIV Nama-STI: Indima Yamakhondomu].



### c. Indlela yokuchithela ngaphandle

Kulapho owesilisa evikela ukukhulelwa ngokukhipha ipipi ngaphambi kokuba isidoda siphume. Akusiyo indlela ephephile ngoba imbewu yenzalo ingaphuma ngaphambi kokukhipha, futhi ayikwazi ukuvikela izifo zocansi noma isandulela ngculazi.

### d. Indlela yokuvala

#### Ukuhlinzwa

Ukuphela kwendlela yokuvala inzalo ukuhlinzwa. Abesilisa nabesifazane bangahlinzwa. Ukuhlinzwa kwabesilisa kubizwa ngokuthi i-vasectomy (kuvimbela isidoda ukuba siye epipini ngesikhathi echitha).



#### Amacebiso Awusizo

Akekho umuntu okufanele aye ocansini nomuntu uma engasazi isimo sakhe se-HIV kanye/noma sama-STI.

Abesifazane bangathola ukuhlinzwa ukubizwa ngokuthi i-tubal ligation (lokhu kuchaza ukuthi kusikwa amathunjana ayimigudu yokuhamba kweqanda ukuze lingafinyeleli esibeletweni). Lena yindlela enhle kakhulu kodwa inkinga ingukuthi akulula ukuba iphendukezelwe uma usufuna ukuthola abantwana futhi emva kwesikhathi.

Kusemqoka sazi ukuthi owesifazane akumele aphoqwe ukuthi abophe amathunjana enzalo, kanjalo nowesilisa ngokusikwa imithambo eletha inzalo.

Indlela yokugcina yokuhlela umndeni esizoyibheka ibizwa nge Philisi Lokuvimbela Ukukhulelwa Okuphuthumayo (Emergency Contraception).

I-Emergency contraception AYIYONA indlela ejwayelekile yokuhlela umndeni. Ingasetshenziswa lapho kungekho ukuhlela umndeni okusetshenzisiwe ngesikhathi socansi, Nomsa uma indlela yokuvikela ukukhulelwa ihlulekila, noma ikhondomu iqhumile. Ingasetshenziswa uma:

- Owesifazane ebenesivumelwano ngocansi noma indlela ayisebenzisile ingaphumelelang, njengokuthi; Ikhondomu ishibilikile noma eqjwe iphilisi lokuhlela umndeni noma umjovo
- Owesifazane edlwenguliwe engasebenzisi lutho lokuhlela umndeni

Zimbili izindlela eziphephile ze emergency contraception ezitholakala eNingizimu Afrika:

- Hormonal Emergency Contraceptive Pills (ECPs)-Amaphilisi okuhlela umndeni aphuthumayo asebenza ngamahomoni
- Cu IUD –Iluphu

I-Emergency contraception kufanele isebenze kuphela uma kunezimo eziphuthumayo. Akufanele isitshenziwe njalo kunezimo eziphuthumayo.

### Iyiphi indlela yokuhlela umndeni yabantu abaphila negciwane lesandulela-ngculazi?

Abantu abaphila negciwane lesandulela-ngculazi, ingculazi nezifo zocansi noma abaphuza imishanguzo yokudambisa igciwane lesandulela-ngculazi (ama-ARV), bangazisebenzisa izindlela zokuhlela eziningi ngokuphepha.

Ubuhle nobubi bezinye zezindlela zokuhlela nabu ngezansi:

- Amakhondomu, ukungangeni kowesifazane, kanye nokugwema ucansi: lezi zindlela zingakuvimbela ukukhulelwa kanye nezifo ezifana nesandulela-ngculazi nezifo zocansi
- Amaphilisi nemijovo: lokhu kungakuvimbela ukukhulelwa kodwa kungeke kuzivikele izifo ezifana nesandulela-ngculazi kanye nesifo socansi. Abesifazane abaphuza imishanguzo yokudambisa isandulela-ngculazi kumele babonane nawochwepheshe bezempilo ngaphambi kokusebenzisa amaphilisi okuhlela nemijovo, ngoba imishanguzo ingalehlisa izinga lokusebenza kwalokhu
- Ukuvikela kwangaphakathi ('Ushobishobi'): Lendlela yokuvikela ingasetshenziswa nayilabo besifazane abaphila negciwane lesandulela-ngculazi, kuphela nje uma bephile kahle. Ingavimbela ukukhulelwa kodwa hayi izifo zocansi kanye nokutheleleka ngegciwane lesandulela-ngculazi

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 3 Isifundo 3.1

Ukuhlela  
Umndeni

#### Ingxoxo Yeqembu

UNoluthando ungumama onezingane ezintathu, uhlala emaphandleni akwaZulu Natal. Uneminyaka engamashumi amane nanhlanu (45). Ufisa ukucabangela kabusha izindlela zokuhlela umndeni wakhe. Indodakazi yakhe uThabile uneminyaka eyishumi nesishiyagalombili (18), uphila negciwane lesandulela-ngculazi. UThabile akakafuni ukuba nomntwana okwamanje kuze kube yisikhathi esikudana esizayo.

**Xoxisanani ngalokhu emaqenjini enu:**

1. Iyiphi indlela yokuhlela engalungela uNoluthando kule minyaka anayo kanye nenani lezingane anazo?

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---



2. Iyiphi indlela yokuhlela engalungela uThabile kule minyaka anayo, isimo sakhe negciwane kanye nesinqumo sakhe sokufuna ukukhulelwa esikhathini esikudana esizayo?

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

### OKUHLOSIWE NGALESI SIFUNDO

Isifundo 3.2 sihlose ukukucobelela ulwazi mayelana nokuhushulwa kwezisu.

#### Imiphumela Yesifundo

Ekupheleni kwalesi sifundo abafundi kufanele:

- Bakwazi ukuchaza ngokuthi kuyini ukuhushulwa kwesisu (TOP) nokuthi owesifazane kumlungele nini ukuhushula isisu (TOP)

#### Okuqukethwe Yilesi Sifundo

- Ukuhushulwa kwezisu

#### Kutholakala

1. Choice on Termination of Pregnancy Amendment Act (Act 1 of 2008)
2. Smith J; Bomela N; De Vos M; Nyawo M and Trueman K. Handbook for the management of HIV-positive women of reproductive age. Durban, South Africa: Health Systems Trust; 2011

#### Indima yakho njenge-CCG

Indima yakho njenge-CCG ukunikeza ulwazi mayelana nokuhushulwa kwezisu (TOP) kumakhasimende esifazane nokuwacobelela inqubo ye-TOP.



# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 1. Kuyini ukuhushulwa kwezisu?

INingizimu Afrika yakhipha umthetho ovumela bonke abesifazane ngisho nalabo abanegciwane lesandulela-ngculazi ukuthi bangahushula izisu (TOP) ngokuphephile. Lokhu kusho ukuthi uma owesifazane ezithola esekhulelwe unelungelo lokufaka isicelo sokuhushula isisu mahhala ngaphambi kokuba kufike isikhathi sokuba umntwana azalwe. Owesifazane kufanele asayine imvume esenikwe ulwazi. Uma umtholampilo wakhe ungayenzi i-TOP, kufanele umthumele esikhungweni sezempilo oseduze oyenzayo.

Njengoba ukuhushula isisu kuyigxathu elinzima kangaka, owesifazane kumele axoxisane nosonhlalakahle ngakho konke okuyizidingo okungamphethe kahle. Kungenzeka acindezeleke emphefumulweni emuva kokuhushula. Uma lokhu kwenzeka owesifazane kumele axhunyaniswe nosonhlalakahle ozomeluleka.

## 2. Kuvumeleke nini ukuhushula isisu (TOP)?

Kunamaphuzu asemqoka abhekwayo, futhi kuya nangokuthi ukukhulelwa kunesikhathi esingakanani ngesikhathi owesifazane efika esikhungweni sezempilo.



### Amacebiso Awusizo

Ukuvuma emuva kwencazelo kusho ukuthi umhlengikazi usemchazele owesifazane ngokuthi kuzokwenzakani kanye nazo zonke izingcuphe ezibandakanyekayo, nokuthi owesifazane usayinile ukuthi uyavuma ukuthi kwenziwe.

## Izimo zokwenza i-TOP

Unesikhathi esingakanani ekhulelwe?	Kunini lapho efanelekela khona i-TOP?	Ubani onganikeza imvume emuva kwencazelo?
Kuya emasontweni angu-12	Kuya ngesicelo kowesifazane (owesifazane nguye okufanele acele i-TOP)	Imvume emuva kwencazelo inikezwa ngowesifazane okhulelwe
Amasonto angu-13 kuya kwangu -20	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Kungenziwa uma ukukhulelwa kungaba yingozi emzimbeni noma emqondweni</li> <li>• Uma engeke akwazi ukunakekela umntwana ngoba engenayo imali noma uma ukuba nomntwana kuzophazamisa ubudlelwane bakhe nomndeni wakhe nomphakathi</li> <li>• Uma umntwana engakhuli ngendlela elungile</li> <li>• Uma ukukhulelwa kungumphumela wokudlwengulwa noma ucansi phakathi kwabantu abazalanayo ngokwegazi (incest)</li> </ul>	Imvume emuva kwencazelo inikezwa ngowesifazane okhulelwe
Emuva kwamasonto angu-20	Uma ukukhulelwa kuzoba: <ul style="list-style-type: none"> <li>• yingozi empilweni yowesifazane</li> <li>• kuzobanga ukuthi ingane ingakhuli kahle ngokujwayelekile</li> <li>• kuzokwenza impilo yengane ibe sengozini</li> </ul>	Imvume emuva kwencazelo inikezwa ngowesifazane okhulelwe emuva kokubonisana noDokotela abangaphezu koyedwa, noma noDokotela oyedwa KANYE noMbelethisi

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.2

Ukuhushulwa  
Kwezisu (TOP)



### Amcebiso Awusizo

Owesifazane akufanele ophoqwe ukuba ahushule isisu ngenxa yokuthi unesandulela-ngculazi (HIV)!

### Ingxoxo Yeqembu

#### Ukuhushulwa Kwezisu

1. Kunini lapho owesifazane angafaka khona isicelo sokuhushula isisu (TOP)?

---

---

---

2. Kubiza malini ukuhushula isisu (TOP)?

---

---

---

3. Kusho ukuthini ukunika imvume emuva kwencazelo?

---

---

---

4. Ngubani okumele anikeze imvume emva kwencazelo yokuhushula isisu (TOP) uma owesifazane esenamasondo angu-13 kuya kwangu-20 ekhulelwe?

---

---

---

5. Kunini lapho owesifazane engaphoqeka khona ukuba ahushule isisu (TOP)?

---

---

---

### OKUHLOSIWE NGALESI SIFUNDO

Isifundo 3.3 sihlose ukukucobelela ulwazi mayelana nokunakekelwa kowesifazane ngesikhathi ekhulelwe.

#### Imiphumela Yesifundo

Ekupheleni kwalesi sifundo abafundi kufanele:

- Baqonde ukuthi ukukhulelwa kwenzeka kanjani
- Bazi ngezimpawu zokukhulelwa
- Baqonde ngokubaluleka kokunakekelwa ngesikhathi ukhulelwe (ANC)
- Baqonde ngohlelo lokuya esikhungweni sezempilo ukuze unakekelwe ngesikhathi ukhulelwe (ANC)
- Baqonde uhlelo lokuvakashelwa ekhaya lwe-CCG nezinqubo zakhona
- Bazi ngezihloko zemfundo emayelana nokukhulelwa
- Baqonde ngezinto eziqondile ezithinta ukukhulelwa kwabantu abasha

#### Okuqokethwe Kulesi Sifundo

- Izimpawu zokukhulelwa
- Ukunakekelwa kowesifazane ngesikhathi ekhulelwe
- Uhlelo lokuya esikhungweni sezempilo ukuze owesifazane anakekelwe ngesikhathi ekhulelwe
- Indima ye-CCG ekunakekelweni kowesifazane ngesikhathi ekhulelwe
- Imfundo mayelana nempilo yokukhulelwa
- Ukukhulelwa kwabantu abasha

#### Kutholakala

1. National Department of Health. Community Maternal, Neonatal, Child, Woman's Health Framework. South Africa. 2009
2. KwaZulu-Natal Department of Health. KZN Integrated Antenatal and Postnatal Care Manual. South Africa. 2009
3. Woods D.L., Theron G.B. Perinatal Education Programme Manual 1. South Africa. 2002
4. National Department of Health. Community-based Maternal, Neonatal, Children and Women's Health and Nutrition Interventions – Pocket Booklet for Community Health Workers. South Africa. 2009

#### Indima yakho njenge-CCG

Indima yakho njenge-CCG ukuqinisekisa ukuthi owesifazane okhulelwe usheshe abhukhe (ngaphambi kwamaviki angu-14 ekhulelwe) ukuze athole ukunakekelwa kwangaphambi kokuteta; ukuqinisekisa ukuthi amaklayenti akho akhulelwe aya njalo esikhungweni sezempilo ngesikhathi ezibekiwe nokuthi zonke iziphakamiso zabasebenzi bezempilo ziyalandelwa. Kuyodingeka uthumele umama esikhungweni sezempilo ngokushesha uma engazizwa kahle.

### 1. Yini Ukunakekelwa Kowesifazane Ngesikhathi Ekhulelwe?

Kubaluleke kakhulu ukuba owesifazane athole ukwesekwa ngesikhathi ekhulelwe nangemuva kwalokho ukuze kuqinisekwe ukuthi yena nomntwana bahlala benempilo enhle. Ukunakekelwa kowesifazane ngesikhathi ekhulelwe (ANC) ukunakekelwa okuphelele komzimba nengqondo yowesifazane okhulelwe. Lokhu kwenziwa ngokuhlolwa esikhungweni sezempilo ukuze kuqinisekwe ukuthi umama unempilo nokuthi umntanakhe ukhula ngendlela efanele. Ukwengeza, umama uzothola ukwaziswa kanye neseluleko ngokukhulelwa, ukusikwa, ukuzalwa komntwana kanye nokunakekelwa kosana olusha. Kubalulekile kakhulu ukuthi umama ayesikhungweni sezempilo uma nje ethola ukuthi ukhulelwe. Lokhu kufanele kwenziwe phakathi namaviki okuqala angu-14 ekhulelwe. Kufanele avakashele umtholampilo okungenani kahlanu ngesikhathi ekhulelwe.

Abasebenzi bezempilo kanye namalungu omndeni kudinga babambisane ukuze basize umama abe nokukhulelwa okunempilo. Abasebenzi bezempilo nabo bakhonela ukuba basheshe babone izidingo ukuze owesifazane elashwe ngokushesha.

### Kungani kubalulekile ukunakekelwa kowesifazane ngesikhathi ekhulelwe?

Kubalulekile ngoba kuqinisekisa ukuthi umama nomntwana bahlala benempilo ngesikhathi sokukhulelwa kuze kube yilapho umntwana ezalwa. Okunye futhi, ukunakekelwa kowesifazane ngesikhathi ekhulelwe kumsiza ukuba azilungiselele ukuzalwa komntanakhe. I-ANC isiza nokuthola noma yiziphi izimo ezingabeka ukuphila kanye/noma inhlalakahle kamama noma yomntwana engozini, isib. ukuzalwa ekhubazekile, isifo sikashukela, i-HIV, Amagciwane Athelelwana Ngocansi. Lokhu kuzomvumela ukuba ahlolwe futhi elashelwe noma yimaphi amagciwane athelelwana ngocansi okungenzeka unawo, futhi ahlolwe isibeletso. Uma enesandulela-ngculaza, uzolungiselelwa bese eqaliswa ohlelweni olufanele lwemishanguzo yama-ARV, kuye ngesibalo sakhe samaseli e-CD4, ukuze kuncishiswe amathuba okuba umntanakhe athole isandulela ngculaza. Amaseli e-CD4 uhlobo lwamaseli egazi amhlophe futhi asebenza njengamasosha futhi avikele umzimba emagciwaneni agulisa abantu. Uzonikezwa nokwaziswa okuzomsiza aqonde ukuthi kungani kubalulekile ukuba ancise umntanakhe ubisi lwebele kuphela ezinyangeni eziyisithupha zokuqala.

### 2. Umuntu wesifazane ukhulelwa kanjani?

Umuntu wesifazane ukhulelwa lapho isidoda somuntu wesilisa singena emozini yowesifazane bese sivundisa iqanda ukuze kwakheke umntwana. Ukukhulelwa kungenzeka noma nini kusukela intombazane iqale ukuya esikhathini kuze kube yilapho kunqamuka ifindo. Kubalulekile ukuba owesifazane ahlele ukuthi ufuna ukukhulelwa nini [bheka iSifundo 3.1 mayelana noKuhlela Umndeni].

### Yiziphi izimpawu zokukhulelwa?

Abesifazane abakhulelwe bayoba nezimpawu ezithile ezifanayo ezivame ukubonakala noma zenzeke ngemuva kwamasono amane kuya kwayisithupha okukhulelwa, kodwa zingase zingenzeki kubo bonke abesifazane.

- Ukweqiwa isikhathi kuwuphawu oluvame kakhulu lokukhulelwa, ikakhulukazi uma owesifazane evame ukuya njalo esikhathini
- Ukuchama kaningi
- Amabele noma izingono ezizwela ubuhlungu noma ezibuhlungu
- Isicanucanu nokuhlaza noma yingasiphi isikhathi sosuku (kodwa ngokuvamile ekuseni) kuvamile ezinyangeni ezintathu zokuqala
- Ukuzizwa ukhathele, ikakhulukazi ekupheleni kosuku noma ntambama

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Ithuluzi Lokuhlonza Ukukhulelwa

Leli thuluzi lokuhlonza lizosiza i-CCG ithole ukuthi kungenzeka yini ukuthi iklayenti likhulelwe.

## Ithuluzi Lokuhlonza Ukukhulelwa

**Y=Yebo** **C=Cha**

1. Lwalunini usuku lokuqala lokuya kwakho esikhathini ngendlela evamile okugcinile? (Ukuya kwakho esikhathini yinto eyenzeka nyanga zonke futhi lokhu kungase kuhluka kuye ngowesifazane, isib. igazi lingase liphume kakhulu, inani lezinsuku lingase lihluka).

DD MM

2. Ingabe uke waya ocansini ngaphandle kokusebenzisa indlela ethile yokuvimba inzalo?

Y

C

#### Phawula:

Uma impendulo yoMbuza 1 ibonisa ukuthi weqiwe ukuya esikhathini, impendulo yoMbuza 2 ithi 'YEBO', futhi iklayenti LINOLUNYE lwalezi zimpawu ezilandelayo, lithumele esikhungweni sezempilo liyohlololwa ukukhulelwa.

3. Ingabe amabele akho abuhlungu?

Y

C

4. Ingabe uzizwa unesicanucanu?

Y

C

5. Ingabe uhlale ukhathele?

Y

C

#### Okufanele kuphawulwe i-CCG:

Funda le mibuzo elandelayo uyifundele amaklayenti akho esifazane.

- Wathumele esikhungweni sezempilo ayohlololwa ukukhulelwa uma impendulo yoMbuza 1 ibonisa ukuthi eqiwe ukuya esikhathini futhi impendulo yanoma YIMUPHI wemibuzo kungu-'Yebo'

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.3

Ukunakekelwa  
Kowesifazane Ngesikhathi  
Ekhulelwe (ANC)

### 3. Kusho ukuthini ukuphila ngendlela enempilo lapho ukhulelwe?

Lapho owesifazane ehlela ukukhulelwa i-CCG ingameluleka ngalokhu okulandelayo ukuze isize ekuqinisekiseni ukuthi unempilo ngesikhathi ekhulelwe:

- Yidla ukudla okunempilo okunemifino eluhlaza kakhulu njengesipinashi
- Yeka ukubhema
- Yeka ukuphuza utshwala nokudla ezinye izidakamizwa
- Vocavoca umzimba ngendlela efanele. Buza umnakekeli wezempilo esikhungweni sezempilo ukuthi yikuphi ukuzivocavoca ongakwenza
- Nciphisa noma uyeke ukuphuza ikhofi noma iziphuzo ezinamagwebu
- Cela abasesikhungweni sezempilo babheke ukuthi ikhona yini imithi oyiphuzayo engaba yingozi kumntwana
- Hlolelwa isandulela ngculaza, uma owesifazane engasazi isimo sakhe sesandulela ngculaza
- Hlola amabele ukuthi awanazo yini izigaxa
- Hamba uyohlola isibeletso (PAP smear)




### Ukudla ukudla okunempilo ngesikhathi ekhulelwe

Kubaluleke kakhulu ukuba umama adle ukudla okunempilo ukuze umntwana akhule kahle.

Uma umama engadli ukudla okunempilo, angase abe ne-anemiya (abe nezinga le-ayoni eliphansi egazini) futhi lokhu kungase kubangele izidingo ngesikhathi esikwa, ebeletha kanye/noma lapho encelisa.

Abesifazane abakhulelwe kufanele:

- Badle ukudla okuphelele kathathu ngosuku futhi badle okokubambisa okunempilo, isib. isithelo, phakathi kwako
- Badle iphrotheni eyanele njengenkukhu nenhlanzi
- Badle amaveji amaningi ikakhulukazi imifino eluhlaza njengesipinashi esine-ayoni
- Baphuze izingilazi zamanzi eziyisithupha kuya kweziyisishiyagalombili ngosuku
- Basebenzise usawoti omncane kakhulu
- Bazame ukuyeka ukudla ukudla okuthengwa sekuphekiwe, ukudla okunamafutha, ukudla okunezinongo kakhulu kanye nokudla okuthosiwe



### Amacebiso Awusizo

Uma owesifazane okhulelwe ehlela ukuhamba aye endaweni enomalaleveva, kufanele axoxe nomnakekeli wezempilo esikhungweni sezempilo ngaphambi kokuba ahambe.

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.3 Ukunakekelwa Kowesifazane Ngesikhathi Ekhulelwe (ANC)

### 4. Owesifazane okhulelwe kufanele aye nini esikhungweni sezempilo?

Uma ekhulelwe nje ngendlela ejwayelekile engenazinkinga, owesifazane kufanele aye esikhungweni sezempilo okungenani izikhathi ezinhlanu kodwa kungaba ngcono uma eya kaningana kunalokho. Owesifazane kufanele aye esikhungweni sezempilo ngokushesha lapho eqiwa ukuya esikhathini okokuqala. Uma engayi ngemuva kokweqiwa ukuya esikhathini okokuqala, kufanele aye esikhungweni sezempilo lapho eseqiwa ukuya esikhathini okwesibili.

Kubalulekile ukuba aye esikhungweni sezempilo ngaphambi kwamaviki ayishumi nane (14) (izinyanga ezintathu (3)) ukuze umama nomntwana bathole ukunakekeleka okungcono nokuvikeleka ngesikhathi sokukhulelwa.

Inani lezikhathi umama adinga ukuya ngazo esikhungweni sezempilo liyoya nangesimo sokukhulelwa ukuze kuqinisekiswa ukuthi umntwana ukhula kahle futhi kungakwazi ukuba kugwenywe izidingo noma kuncishiswe izingcuphe.

Ekuvakasheni kokuqala owesifazane angalindela okulandelayo:

- Umhlengikazi uzothatha umlando wezempilo walona wesifazane, umlando womndeni kanye nokukhulelwa kwesikhathi esidlule
- Umhlengikazi uzomhlola umzimba
- Umhlengikazi uzohlola umfutho wegazi walo wesifazane
- Umhlengikazi uzohlola igazi nomchamo
- Umhlengikazi uzohlola isibeletho
- Umhlengikazi uzobuza imibuzo ukuze abone ukuthi kungenzeka yini lona wesifazane unesifo sofuba (TB)
- Umhlengikazi uzobheka nanoma yiziphi izimpawu zezifo ezithathelana ngocansi (STI). Izifo ezithathelana ngocansi yizifo ezidluliselwa kusuka komunye uphathini kuye komunye ngesikhathi kwenziwa ucansi [bheka iSifundo 4.8 mayelana nama-STI]
- Owesifazane uzothola umjovo we-Tetanus Toxoid
- Umhlengikazi uzokweluleka owesifazane bese ecela ukumhlolola isandulela ngculaza
- Owesifazane uzonikezwa amavithamini kanye namaphilisi e-folic acid abalulekile ukuze amgcine enempilo ngesikhathi ekhulelwe



#### Amacebiso Awusizo

Kungcono kakhulu ukuba owesifazane asheshe aye esikhungweni sezempilo uma ekhulelwe.

#### Ukuya Esikhungweni sezempilo

1. Ngaphambi kwezinyanga ezingu-3 (amaviki angu-14)
2. Izinyanga ezingu-4-5 (amaviki angu-20 – 24)
3. Izinyanga ezingu-6-7 (amaviki angu-26 – 32)
4. Izinyanga ezingu-7-8 (amaviki angu-34 – 36)
5. Izinyanga ezingu-9 (amaviki angu- 40)



### 5. Yini okufanele i-CCG iyenze uma iye emzini okuhlala kuwo owesifazane okhulelwe?

Kubaluleke kakhulu ukuba njalo lapho i-CCG iyile ibheke ukuthi owesifazane usithathile yini isinyathelo kulokho ayelulekwe kukho ngokudlule.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3 Isifundo 3.3

Ukunakekelwa  
Kowesifazane Ngesikhathi  
Ekhulelwe (ANC)

Ukuvakasha kokuQala	Ukuvakasha kweSibili	Ukuvakasha kweSithathu	Ukuvakasha kweSine
Ngaphambi kwezinyanga ezintathu	Phakathi kwezinyanga ezine kuya kwezinhlanu	Phakathi kwezinyanga eziyisithupha kuya weziyisikhombisa	Phakathi kwezinyanga eziyikhombisa kuya kweziyisishiyagalombili
<p>Fundisa ngalokhu:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubaluleka kokusheshe uyobhalisela i-ANC</li> <li>• Ukudla ukudla okunempilo lapho ukhulelwe</li> <li>• Ukuvivinya umzimba ngesikhathi ukhulelwe</li> <li>• Ukungaphuzi utshwala nokungabhemi</li> <li>• Ukubaluleka kokuya esikhungweni sezempilo njalo</li> <li>• Izincwadi ezifanele okufanele uye nazo esikhungweni sezempilo</li> <li>• Ukugomela i-Tetanus</li> <li>• Ukuphuza amaphilisi amavithamini ne-folic acid</li> <li>• Ukuhlololwa igciwane lesandulela ngculaza uma ebengakahlolwa</li> <li>• Indlela yokuhlala engenalo igciwane lesandulela ngculaza uma kuwukuthi akanalo</li> <li>• Indlela owesifazane onegciwane le-HIV anganqanda ngayo ukuba igciwane lidlulele kumntwana, kuhlenganise nokusebenzisa ikhondomu njalo lapho beya ocansini</li> <li>• Ukuthola isibalo samasosha omzimba uma enegciwane lesandulela ngculaza</li> <li>• Ukuqala ukwelashwa ngemishanguzo yama-ARV okufanele, uma engawathathi ama ARV</li> <li>• Chaza ukubaluleka kokuhlololwa isifo sofuba futhi umthumele ukuba ayohlolwa uma kudingeka</li> <li>• Khuluma naye nganoma ubani okhona lapho ehlala khona one-TB futhi uma kudingeka, mthumele esikhungweni sezempilo ukuze ayothola ukwelashwa kokulandelela</li> <li>• Xoxa ngokubaluleka kokuhlololwa izifo ezithathelananyo zocansi futhi umthumele esikhungweni sezempilo uma kudingeka</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Qiniseka ukuthi uyile esikhungweni sezempilo nokuthi ulandela noma yisiphi iseluleko asinikezwe abanakekeli bezempilo esikhungweni sezempilo</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Qiniseka ukuthi uyile esikhungweni sezempilo nokuthi ulandela noma yisiphi iseluleko asinikezwe abanakekeli bezempilo esikhungweni sezempilo</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Qiniseka ukuthi uyile esikhungweni sezempilo nokuthi ulandela noma yisiphi iseluleko asinikezwe abanakekeli bezempilo esikhungweni sezempilo</li> </ul>



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

Ukuvakasha kokuQala	Ukuvakasha kweSibili	Ukuvakasha kweSithathu	Ukuvakasha kweSine
Ngaphambi kwezinyanga ezintathu	Phakathi kwezinyanga ezine kuya kwezinhlanu	Phakathi kwezinyanga eziyisithupha kuya kweziyisikhombisa	Phakathi kwezinyanga eziyikhombisa kuya kweziyisihyagalombili
<ul style="list-style-type: none"> <li>Chaza ukusetshenziswa kokwelashwa ngemishanguzo yama-antiretroviral (ARV), ukubaluleka kokuthatha imishanguzo njengoba eyalelwe ngudokotela ngesikhathi ezoteta nalapho esetatile kanye nokwelulekwa nokunamathela emishanguzweni*</li> </ul>	<p>Fundisa ngalokhu:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ukudla ukudla okunempilo lapho ukhulelwe</li> <li>Ukuvocavoca umzimba ngesikhathi ukhulelwe</li> <li>Ukungaphuzi utshwala nokungabhemi</li> <li>Ukumncelisa ibele kuphela</li> <li>Ezinye izindlela zokuncelisa umntwana, uma umama engeke akwazi ukumncelisa ibele</li> <li>Ukubaluleka kokuhlololwa igciwane lesandulela ngculaza kukamama nomntwana</li> <li>Umndeni kumele wazi ukuthi yiziphi izimpawu eziyingozi okufanele uzibheke phakathi nokukhulelwa, isib. ukopha, ukunganyakazi komntwana</li> <li>Ukudalula isimo segciwane lesandulela-ngculaza uma enayo</li> </ul>	<p>Fundisa ngalokhu:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ukudla ukudla okunempilo lapho ukhulelwe</li> <li>Ukuvocavoca umzimba ngesikhathi ukhulelwe</li> <li>Ukungaphuzi utshwala nokungabhemi</li> <li>Umndeni kufanele wazi ukuthi yiziphi izimpawu eziyingozi okufanele uzibheke phakathi nokukhulelwa, isib. ukopha, ukunganyakazi komntwana</li> <li>Ukumncelisa ibele kuphela</li> <li>Ezinye izindlela zokuncelisa umntwana, uma umama engeke akwazi, ukumncelisa ibele</li> <li>Ukulungela ukubeletha (uzobelethela kuphi, yini azohamba nayo uma eya esibhedlela, ubani ozogada ezinye izingane angase abe nazo)</li> <li>Ukubhaliswa kokuteta kanye nezincwadi ayozidinga</li> <li>Ukubaluleka kokuhlololwa i-HIV kukamama nomntwana</li> <li>Xoxa naye ngokuthi kungani kubalulekile ukugoma umntwana</li> </ul>	<p>Fundisa ngalokhu:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ukudla ukudla okunempilo lapho ukhulelwe</li> <li>Ukuvocavoca umzimba ngesikhathi ukhulelwe</li> <li>Ukungaphuzi utshwala nokungabhemi</li> <li>Ukumncelisa ibele kuphela</li> <li>Ezinye izindlela zokuncelisa umntwana, uma umama engeke akwazi, ukumncelisa</li> <li>Ukulungela ukubeletha (uzobelethela kuphi, yini azohamba nayo uma eya esibhedlela)</li> <li>Ukubhaliswa kokubeletha kanye nezincwadi ayozidinga</li> <li>Ukubaluleka kokuhlololwa igciwane lesandulela-ngculaza kukamama nomntwana</li> </ul>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Ukubaluleka kokuncelisa ibele kuphela, kanye nezinye izindlela zokuncelisa uma kwenzeka umama engakwazi ukuncelisa umntwana ibele kuphela</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Khuthaza umama ukuba athathe amaphilisi akhe amavithamini kanye ne-folic acid</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Xoxani ngamalungiselelo ento azohamba ngayo lapho eqala ukusikwa</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Khuthaza omama abangenalo igciwane ukuba baphinde bayohlola</li> </ul>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Chaza ukubaluleka kokutshela umelaphi wakhe wendabuko ukuthi ukhulelwe ukuze angamniki noma yimuphi umuthi ongase ube yingozi kuye noma kumntwana. Owesifazane kufanele futhi akhombise umsebenzi wezempilo esikhungweni sezempilo noma yimuphi umuthi wesintu okungenzeka uyawusebenzisa</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Bheka ukuthi uhloliwe yini umfutho wegazi noma umchamo futhi umcele ukuba abuyele uma kungahlolwanga</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Bheka ukuthi uhloliwe yini umfutho wegazi noma umchamo futhi umcele ukuba abuyele uma kungahlolwanga</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Bheka ukuthi omama abanegciwane lesandulela ngculaza sebeyiqalile yini imishanguzo yama-ARV nokuthi bake bahlolwa yini isibalo samasosha omzimba</li> </ul>

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

Ukuvakasha kokuQala	Ukuvakasha kweSibili	Ukuvakasha kweSithathu	Ukuvakasha kweSine
Ngaphambi kwezinyanga ezintathu	Phakathi kwezinyanga ezine kuya kwezinhlanu	Phakathi kwezinyanga eziyisithupha kuya kweziyisikhombisa	Phakathi kwezinyanga eziyikhombisa kuya kweziyisishiyagalombili
<ul style="list-style-type: none"> <li>Uma ene-HIV, chaza ukubaluleka kokuba atholele umntanake esibhedlela kunokumtholela ekhaya</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Bheka ukuthi wahlolelwa yini igciwane lesandulela ngculaza ngesikhathi eya esikhungweni sezempilo nokuthi wabuyela yini ukuyothola imiphumela. Uma engakabuyeli, xoxa naye ngokubaluleka kokwazi isimo segciwane lesandulela-ngculaza sakhe nesomntanake</li> </ul>		<ul style="list-style-type: none"> <li>Xoxa naye ngokucela umlingane wakhe naye ayohlololwa igciwane lesandulela ngculaza, uma ebengakayi</li> </ul>
	<ul style="list-style-type: none"> <li>Bheka ukuthi wahlolelwa yini izifo ezithathelanayo zocansi</li> </ul>		<ul style="list-style-type: none"> <li>Xoxa ngokubaluleka kokuhlolelwa igciwane lesandulela-ngculaza kwakhe nophathini wakhe</li> </ul>
	<ul style="list-style-type: none"> <li>Mbuze ukuthi uhlelile yini ukuthi uzobuya nini ngokulandelayo ekuvakasheni kwe-ANC</li> </ul>		<ul style="list-style-type: none"> <li>Yenza amalungiselelo okubona umama nomntanake ngosuku lokuqala ngemva kokuba bephumile esibhedlela</li> </ul>
	<ul style="list-style-type: none"> <li>Mthumele eqenjini lokusekelana uma enegciwane lesandulela-ngculaza</li> </ul>		

*\*Ukwelulekwa kokunamathela emishanguzweni wukwelulekwa okwenziwa umsebenzi wezempilo osiza iklayenti ukuba liqhubeke liphuzo imithi yalo njengoba liyalelwe ngudokotela.*

Kubaluleke kakhulu ukuba i-CCG yenze lokhu kuvakasha okune emakhaya abesifazane abakhulelwe. I-CCG kufanele ixoxe ngezihloko ezisohlwini njalo lapho ize kowesifazane okhulelwe nomndeni wakhe.

### 6. Izimpawu eziyingozi lapho ukhulelwe

Kunezinye izimpawu i-CCG okufanele iziqaphele futhi ifundise amaklayenti ayo kanye nemindeni yawo:

- Ukuba iklayenti lingakhuluphali
- Ingabe lona wesifazane uphaphathekile futhi izinsini zakhe, izinkophe nolimi kumhloshana
- Ukuhlanza kakhulu kubangela ukuphelelwa amanzi emzimbeni. Ukuphelelwa amanzi emzimbeni kwenzeka lapho umzimba ungenawo amanzi noma uketshezi ngendlela okufanele ngayo
- Ukukhuluphala kakhulu okungase kubangele umfutho wegazi ophezulu
- Ukuvuvukala okungavamile kwezandla, ubuso noma imilenze
- Ukuphathwa ikhanda okunzima (okubi)
- Isithuthwane
- Ukuba buthakathaka, isiyenzi, ukuquleka

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

- Imfiva ephezulu
- Ukukhwehlela kakhulu
- Izilonda, izinsumpa noma amashashazi emomozini noma eduze kwayo
- Ukuba kushise lapho echama
- Ukuba owesifazane akhathale futhi aphelelwe umoya
- Ukuba umntwana anganyakazi
- Ukopha emomozini
- Ingabe unemisiko?
- Ingabe amanzi asheshe aqhuma?
- Uma kunjalo, unjani umbala wamanzi (isib., aphuzi, aluhlaza)?

Uma kukhona noma yiluphi kulezi zimpawu, owesifazane kufanele aye esikhungweni sezempilo ayohlolwa.

### 7. Iseluleko mayelana nokugula ngesikhathi ukhulelwe

#### I-anemiya (ukuphelelwa yigazi emzimbeni)

I-anemiya yenzeka lapho igazi lingenayo i-ayoni eyanele. Lokhu kuyingozi ngoba i-ayoni esegazini ithwala umoya ohlanzekile (oxygen) iwuyise kuzo zonke izingxenye zomzimba.

Izimpawu ezijwayelekile ze-anemiya yilezi:

- Ulimi kanye nezinkophe eziphaphathekile
- Ukuzizwa ukhathale futhi ubuthaka
- Ukuzizwa uphelelwa umoya noma unesiyenzi
- Inhliziyo eshaya ngamandla
- Isicanucanu (ukuzwa kuthi hlanza)
- Ukuqunjelwa noma isifo sohudo

Okufanele ukwenze lapho une-anemiya:

- Thatha amaphilisi e-ayoni kanye nokudla ukuze unciphise isicanucanu
- Yidla amaveji amaningi asanda kukhiwa, izithelo kanye nemikhiqizo kakolweni (isib., isinkwa sikakolweni). Yidla ukudla okune-ayoni eningi njengenyama, inhlanzi, amaqanda, ubisi kanye nemifino njengesipinashi nolethisi

#### Isicanucanu

Abanye omama baba nesicanucanu futhi bahlanze ekuseni, kanti abanye baba nesicanucanu usuku lonke.

Lokho ongakwenza ngenxa yesicanucanu:

- Yidla ibhisikidi elomile, ucezu lwesinkwa, ilayisi noma iphalishi lapho nje uvuka ekuseni
- Kungcono ukuba ungahlali ungadlile, ngakho yidla ukudla okuncane izikhathi eziyisithupha kunokuba udle ukudla okuningi kathathu ngosuku
- Phuza iziphuzo phakathi nokudla hhayi ngesikhathi udla
- Ungakudli ukudla okunezinongo, okuthosiwe noma okunamafutha

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Isilungulela

Lena yinto oyizwa sengathi iyashisa emphinjeni nasesifubeni. Isilungulela senzeka kakhulu uma ukukhulelwa sekuya ngasemaphethelweni ngoba njengoba umntwana ekhula, ucindezela isisu sikamama.

Lokho ongakwenza ngenxa yesilungulela:

- Yidla ukudla okuncane kaningi
- Ungakudli ukudla okunezinongo, okuthosiwe noma okunamafutha
- Phuza ubisi uma ukwazi ukuliphuza ngaphandle kwezinkinga
- Ungaziphuzi iziphuzo ezinamagwebu
- Ungalali phansi ngokushesha nje lapho uqeda ukudla

### Ukuqunjelwa

Abanye besifazane bayaqunjelwa ngesikhathi bekhulelwe. Lokhu kusho ukuthi amakaka ayaqina futhi kuba nzima ukuzikhulula.

Lokho ongakwenza ngenxa yokuqunjelwa:

- Yidla ukudla okumahadla njengokolweni nesinkwa esinsundu
- Phuza okungenani amalitha amabili amanzi nsuku zonke
- Yidla amaveji amaningi kanye nezithelo nsuku zonke
- Vivinya umzimba njalo kodwa kalula, isib. ukuhamba usheshe nsuku zonke
- Kubaluleke kakhulu ukuba umama ANGAPHUZI izinto zokugeqa isisu noma amakhambi abangela ukuba akhishwe yisisu ngoba lokhu kungabangela ukuphelelwa amanzi emzimbeni

## 8. Izimpawu zokusikwa

Kunezimpawu ezijwayelekile ezikhombisa ukuthi umntwana uselungele ukuzalwa.

Nazi:

- Ukuqhuma kwamanzi
- Kunokuthile okuphuma esithweni sangasese okunegazi
- Uqala ukuzwa imisiko eya ngokuya iqina
- Ubuhlungu obubeleselayo ezansi neqolo

Uma umama enanoma yiluphi lwalezi zimpawu, kufanele aphuthunyiswe esibhedlela.

## 9. Ukukhulelwa kwabantu abasha

Abantu abasha abakhulelwayo banakekelwa ngendlela efanayo neyanoma yimuphi owesifazane okhulelwe. Abantu abasha bangaba nezinkinga kalula ngesikhathi bekhulelwe, ngakho kudingeka baqashwe ngeso lokhozi.

Lokho okufanele kuqashelwe kubantu abasha abakhulelwe:

- Abantu abasha bangase besabe ukuthi abazali babo bazothini noma bazokwenzenjani, ngakho bangase bazame ukufihla ukuthi bakhulelwe. Lokhu kusho ukuthi ngokujwayelekile abayi esikhungweni sezempilo ukuze bahlolwe futhi lokhu kuyingozi ngoba kungenzeka banenkinga engaveli obala. Kufanele bakhuthazwe ukuba baxoxe nemindeni yabo ukuze ibasekele

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Ingxoxo Yeqembu

#### Isivivinyo 1

Abanye besifazane bathatha iseluleko kwabesifazane abadala emphakathini ngesikhathi bekhulelwe. Ngesinye isikhathi lokhu kungase kube nomthelela ekukhulelweni.

**Hlukanani nibe ngamaqoqo, xoxani ngalokhu okulandelayo bese nibuya nizotshela ikilasi ngenikutholile.**

1. Yiziphi izinto ezimayelana nesiko ezinhle ezingathinta ukukhulelwa?

---

---

---

---

---

---

---

2. Yiziphi izinto ezimayelana nesiko ezimbi ezingathinta ukukhulelwa?

---

---

---

---

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Ingxoxo Yeqembu

#### Isivivinyo 2

UThembi usanda kudalula indaba yokuthi usola ukuthi ukhulelwe. Uneminyaka engu-34 ubudala futhi ukhulelwe umntwana wesithathu.

1. Yiziphi izimpawu ezingase zibe khona zibonwe noma kubuzwe ngazo?

---

---

---

---

2. Yisiphi iseluleko okufanele anikezwe sona?

---

---

---

---

---

---

3. UThembi uthi unesicanucanu. Yini ezomsiza?

---

---

---

---

---

4. UThembi nomndeni wakhe bayokwazi kanjani ukuthi useyasikwa?

---

---

---

---

---

### OKUHLOSIWE NGALESI SIFUNDO

Isifundo 3.4 sihlose ukukucobelela ulwazi mayelana nokunakekelwa ngemuva kokubeletha.

#### Imiphumela Yesifundo

Ekupheleni kwalesi sifundo abafundi kufanele:

- Bachaze ukubaluleka kokunakekelwa ngemuva kokubeletha
- Baqonde uhlelo nezinqubo zokuvakashelwa ekhaya ukuze kunakekelwe umama nomtwana
- Babonise indlela ephumelelayo yokuncelisa umtwana
- Babonise indlela yokuhlaza kahle amademu, amatiti nezinkomishi zokuncela

#### Okuqukethwe Yilesi Sifundo

- Ukunakekelwa ngemuva kokubeletha
- Ukuncelisa
- Inhlanzeko lapho ufunza umtwana

#### Kutholakala

1. King F.S. AMREF. Helping Mothers to Breastfeed Revised Edition. Kenya. 1992
2. World Health Organisation. HIV and Infant Feeding. Geneva. 2009
3. Woods D.L, Theron G.B. Perinatal Education Programme Manual 1. South Africa. 2002
4. Ross S.R. CARE. Promoting safe maternal and newborn care. South Africa. 1998
5. Lang S. Breastfeeding Special Care Babies. Edinburgh: Elsevier/BaillièreTindall. 2002
6. National Department of Health. PMTCT Training Guides; Module 4 – Session 2; Postnatal care and follow up of HIV-positive mothers, Page 6

#### Indima yakho njenge-CCG

Indima yakho njenge-CCG ukuqinisekisa ukuthi konke ukuvakasha kwasesikhungweni sezempilo kukamama nomntwana kuyagcinwa nokuthi umama nomntwana bathola ukunakekelwa abakudingayo. Kuyodingeka uthumele umama esikhungweni sezempilo ngokushesha ngangokunokwenzeka uma yena noma umntwana engazizwa kahle.

### 1. Kuyini ukunakekelwa ngemuva kokubeletha?

Ukunakekelwa ngemuva kokubeletha ukunakekelwa okunikezwa umama emavikini okuqala ayisithupha umntwana ezelwe. Kunezinto ezithile ezibalulekile okufanele ziqashelwe ukuqinisekisa ukuthi umama nomntwana bahlala benempilo ngemuva kokubeletha. I-CCG kufanele ivakashele umama oqeda kubeletha okungenani izikhathi ezine phakathi nezinyanga eziyisithupha zokuqala ngemuva kokubeletha ngoba izidingo eziningi eziba khona komama nabantwana zenzeka kulezi zinyanga eziyisithupha zokuqala ngemuva kokubeletha.

Lapho evakashelwa okokuqala kufanele avakashelwe ekhaya ngokushesha ngemuva kokuzalwa komntwana. Uma umama ededelwe ngalo ilanga abelethe ngalo esibhedlela, i-CCG kufanele ivakashele umama ngalo lelo langa ukuqinisekisa ukuthi yena nomntwana baphile kahle.

### 2. I-CCG kufanele yenzeni lapho isifikile?

#### Kumama

- Imbuze ngokopha nokuthi wopha kangakanani kanye nombala wegazi
- Imbuze ngobuhlungu
- Ixoxe nomama ngezimpawu zokutheluleka ngegciwane elithile (ubuhlungu lapho echama, igazi emchamweni, okuthile okuphuma esithweni sangasese)
- Imbuze ukuthi unayo yini imfiva
- Ixoxe nomama ngokubaluleka kokuncelisa umntwana ibele kuphela
- Imbuze ngamabele. Ingabe ayagcwala ubisi? Uma kungenjalo, ibheke ukuthi umama umncelisa ngendlela efanele yini umntwana ezokwenza ukuba ubisi lugeleze kahle
- Ifundise umama ngokubaluleka kwenhlanzeko yakhe, ikakhulu ukugeza imomozi [bheka iSifundo 2.1 mayelana noMzimba Womuntu], kanye nokufaka iphedi ngaphansi uma esalokhu opha
- Uma umama elele embhedeni kufanele anyakazise imilenze nezinyawo zakhe futhi asukume ahambe izikhathi eziningi ngoba ngale kwalokho angase avuvukale imilenze futhi ibe buhlungu
- Imbuze ngokuthi umama uyakuthanda yini ukudla. Kufanele adle ukudla okunempilo [bheka iSifundo 2.2 mayelana noKudla Ukudla Okunempilo] futhi aphuze amanzi amaningi
- Yeluleke umama ukuba aphumule lapho umntwana esalele. Kufanele aphumule ngokwanele ngoba lokhu kubalulekile ukuze kwakheke ubisi lwebele
- Uma umama ayehlolwe igciwane le-HIV kwatholakala ukuthi akanalo, imthumele ayohlolwa futhi
- Uma umama ene-HIV, bheka ukuthi uyawaphuza yini ama-ARV akhe
- Uma umama ene-HIV futhi engekho ohlelweni lwe-ARV, mthumele eKliniki ukuba ayohlolwe igciwane le HIV neTB
- Thumela umama ukuba ayokwenza ukuhlolwa kwe-PAP smear ukuze ahlole umdlavuza wesibebe
- Xoxani ngezindlela zokuhlola umndeneni ezihlukahlukene angase azisebenzise
- Buza ukuthi umama uyazi yini ukuthi kufanele ayohlolwa esikhungweni sezempilo ngemuva kwezinsuku eziyisithupha, ngemuva kwamaviki ayisithupha, nangemuva kwezinyanga eziyisithupha
- Yeluleka umama ngomjovo we-Tetanus Toxoid okufanele awuthole yena



# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3. Ikuphi ukunakekelwa nosizo elufanelwe ukutholwa ngumama ngemuva kokubeletha?

Kubalulekile kakhulu ukuthi umama athole ukunakekelwa nosizo eluzomenza akwazi ukuzinakekela yena nengane yakhe.

Enye yezindlela zokwenza umama ahlale enempilo ukuqinisekisa ukuthi uyaluthola usizo ekiniki uma evakashele okubalulekile [bheka isib. 3.5 ingane nokunakekelwa kwayo]:

- Emahoreni angu-6 ubelethile
- Zingakapheli izinsuku ezingu-6 ubelethile
- Ngemva kwamasono angu-6 ubelethile
- Ngemva kwezinyanga ezingu-6 ubelethile

### Uhlelo lokuvakasha komama esikhungweni sezempilo

Lelithebula elilandelayo likhombisa usizokalo ekumelwe zilindelwe umama ngesikhathi evakasha

Emahoreni angu-6 ubelethile	Zingakapheli izinsuku ezingu-6 ubelethile	Ngemva kwamasono angu-6 ubelethile	Ngemva kwezinyanga ezingu-6 ubelethile
Wena nomntwana wakho akufanele nidedelwe engakapheli amahora ayisithupha ubelethile	Vakashela umtholampilo zingakapheli izinsuku eziyisithupha ubelethile	Vakashela esikhungweni sezempilo emavikini ayisithupha ngemva kokuba ubelethile	Vakashela esikhungweni sezempilo ngemva kwezinyanga eziyisithupha ubelethile
<b>Ukuvivinywa okuzotholwa ingane</b>			
Kufanele uhlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukulahlekelwa yigazi</li> <li>• Ubuhlungu</li> <li>• Umfutho wegazi</li> <li>• Ukushaya kwenhliziyo</li> <li>• Ukudabuka emozini</li> </ul>	Kufanele uhlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Amazinga aphantsi e-ayoni</li> <li>• Umfutho wegazi</li> <li>• Izimpawu zokutheleleka ngegciwane</li> <li>• Ubuhlungu enxebeni lokuteta ngokuhlinzwa</li> <li>• Ubuhlungu endaweni yesibeletho</li> <li>• Izidingo emabeleni</li> <li>• Okuphuma emozini</li> <li>• Noma yimaphi amagciwane asemchamweni</li> </ul>	Kufanele uhlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Amazinga aphantsi e-ayoni</li> <li>• Umfutho wegazi</li> <li>• Izimpawu zokutheleleka ngegciwane</li> <li>• Amanxeba nokudabuka okwenzeke ngesikhathi ubeletha</li> <li>• Izidingo emabeleni</li> </ul>	Kufanele uhlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• isisindo somzimba</li> <li>• Ukusebenza kwesisu</li> <li>• ukondleka</li> <li>• Kungabe ingane ikhula ngendlela elungile yini</li> </ul>
<b>Ukusekelwa Nokwelulekwa</b>			
Ukwelulekwa mayelana nezindlela zokuhlela umndeni	Thola ukwelulekwa mayelana nezindlela zokuhlela umndeni futhi kufanele unikezwe indlela yokuhlela umndeni oyikhethile	Kufanele uqhubeke udla ukudla okunempilo; ungabuza umhlengikazi ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nokudla ukudla okunempilo	Kufanele uqhubeke udla ukudla okunempilo; ungabuza umhlengikazi ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nokudla ukudla okunempilo
Ukwelulekwa nokusekelwa ngokuncelisa ibele kuphela, lingaxutshwa nalutho	Thola ukwelulekwa nokusekelwa ngokuncelisa ibele kuphela, lingaxutshwa nalutho	Ukwelulekwa mayelana nezindlela zokuhlela umndeni nendlela yokwenza ucansi oluphephile	Ukwelulekwa mayelana nezindlela zokuhlela umndeni nendlela yokwenza ucansi oluphephile

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3 Isifundo 3.4

Ukunakekelwa Ngemva  
Kokubeletha (PNC)

Emahoreni angu-6 ubelethile	Zingakapheli izinsuku ezingu-6 ubelethile	Ngemva kwamasono angu-6 ubelethile	Ngemva kwezinyanga ezingu-6 ubelethile
Ukwelulekwa mayelana nendlela yokuzinakekela ngemva kokubeletha	Ukunikezwa ulwazi mayelana nokudla ukudla okunempilo	Ukuhlonzwa ukuthi awunawo yini umdlavuzwa wesibebeletho	Ukuthola ukusekelwa mayelana nokuqalisa ukupha umntwana ukudla okuqinile
Uma une-HIV, isiqondiso mayelana nendlela yokunika umntanakho ama-ARV	Isiqondiso mayelana nokugcina umntanakho ephile kahle uma enesifo sohudo	Uyothola i-HCT uma wawungenayo i-HIV ngesikhathi ugcina ukuhlololwa i-HIV	Cela ukuhlonzwa ukuthi awunawo yini umdlavuzwa wesibebeletho uma ungakahlonzwa
	Uma une-HIV futhi ungawadli ama-ARV, uyoqaliswa amaARV	Uma une-HIV futhi ungawadli ama-ARV, uyoqaliswa amaARV uhlololwe neTB	Kufanele ucele i-HCT, uma ungakaphindi ukuhlololwa i-HIV
		Uma une-HIV, ungawadli ama-ARV futhi ungenayo i-TB, uyonikezwa imithi yokuvimbela i-TB (IPT)	Cela ukuhlololwa isibalo samaseli e-CD4 uma une-HIV futhi ungakahlololwa isibalo samaseli e-CD4
			Cela ukuhlonzwa ukuthi awunayo yini i-TB uma ubungakahlonzwa
			Uyothola ulwazi mayelana nezibonelelo zezehlalakahle ezitholalalayo komama nabanakekeli

### 4. Yiziphi izimpawu eziyingozi kumama?

#### Uma umama:

- Eshisa kakhulu
- Opha kakhulu noma kuphuma okunukayo esithweni sangasese
- Enesikhumba esiphaphathekile impela
- Amabele evuvukele kakhulu futhi ebuhlungu

Uma umama enanoma yikuphi kwalokhu okungenhla kufanele aphuthume esikhungweni sezempilo.

### 5. Yiziphi izimpawu eziyingozi kumntwana?

- Isifo sohudo nokuphalaza
- Ukushisa kakhulu
- Ukushintsha kombala wesikhumba (ompunga, ophuzi, oluhlaza okwesibhakabhaka noma onsundu kunalokho obuyikho ngaphambili)
- Ukungasabeli. Lokhu kusho ukuthi umntwana akanyakazi uma ethintwa noma ethathwa. Umntwana akaliphenduli ikhanda ukuze azame ukuthola ibele
- Ukuvuvukala kwekhanda

### Ulwazi olubalulekile mayelana nomntwana:

- Bheka ukuthi umama umncelisa kanjani umntwana
- Uma umntwana enesifo sohudo, thumela umntwana esikhungweni sezempilo ngokushesha futhi ufundise umama indlela yokwenza nokuncelisa umntwana isiphuzo sokubuyisela amanzi emzimbeni [bheka iSifundo 3.5 mayelana noKunakekelwa Kosana Nengane] kuze kube yilapho umama esekwazi ukufika nomntwana esikhungweni sezempilo
- Fundisa umama indlela yokugeza umntwana nokunakekela inkaba [bheka iSifundo 3.5 mayelana noKunakekelwa Kosana Nengane]
- Bheka ikhadi lomntwana i-Road-to-Health bese ukhumbuza umama ngohlelo lokugoma futhi umthumele esikhungweni sezempilo ukuba ayogoma umntwana lapho enamaviki ayisi-6, 10 ne-14
- Bheka isimo sokukhula komntwana usebenzisa ibhanjana lasengalweni lokuhlonza ukungondleki bese umthumela esikhungweni sezempilo uma umntwana ebonakala engakhuli kahle [bheka iSifundo 3.5 mayelana noKunakekelwa Kosana Nengane]
- Bheka indawo yokugoma ye-BCG ukuthi ayinazo yini izimpawu zokubhibha
- Fundisa umama ngezimpawu eziyingozi okufanele aziqaphele
- Khumbuza umama ukuya esikhungweni sezempilo lapho umntwana enezinsuku eziyisi-6, enamaviki ayisi-6, nalapho enezinyanga eziyisi-6
- Khuthaza umama ukuthi ayise umntwana ayohlololwa i-PCR lapho enamaviki ayisi-6 uma umama ene-HIV
- Uma umntwana engenayo i-HIV, khumbuza umama ukuba ayise umntwana aphinde ayohlololwa i-HIV lapho enezinyanga ezingu-18
- Uma umntwana ene-HIV, qinisekisa ukuthi umama unikeza umntwana umshanguzo we-ARV njengoba eyalelwe ngumsebenzi wezempilo
- Uma umama ene-HIV futhi umntwana engenayo i-HIV, qinisekisa ukuthi umntwana uyanikezwa i-co-trimoxazole njengoba eyalelwe

## 6. Yiziphi izidingo ezijwayelekile ezingenzeka ngemuva kokubeletha?

### a. Izingono ezibuhlungu

Izingono zikamama zingase zibe buhlungu noma zibe neminkenke uma umntwana encela engaphethwe ngendlela efanele. Nakuba lokhu kubuhlungu kakhulu kumama, ngokuvamile kusho ukuthi umntwana akatholi ubisi olwanele.

- Siza umama ambambele esifubeni umntwana ngendlela efanele lapho encela. Lokhu akufanele kwenze izingono zibe buhlungu
- Umama kufanele ageze amabele kanye kuphela ngosuku ngamanzi. Insipho ingazomisa izingono futhi yenze iminkenke nakakhulu
- Linda umntwana ayeke ukuncela. Uma umntwana 'edonswa' ukuze adedele ingono, lokhu kungenza isimo sibe sibi nakakhulu. Uma umama kudingeka amkhiphe umntwana ebeleni, umama kufanele afake umunwe wakhe ekhoneni lomlomo womntwana ukuze ayeke ukuncela
- Umama angase agcobe izingono ngobisi lwebele njalo emuva kokuncelisa. Lokhu kuyovimbela ukuba iminkenke ingaqhubeki



**Amacebiso Awusizo**

Ibele yilona elingcono.

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.4 Ukunakekelwa Ngemuva Kokubeletha (PNC)

### b. Amabele abuhlungu agcwele ubisi

Uma umntwana enganceli ngendlela efanele noma engaluqedi ubisi emabeleni lapho encela, angase agcwele ubisi futhi abe buhlungu. Amabele ayobukeka ecwebezela futhi eqinile futhi kungenzeka ubisi seluyekile ukugeleza.

- Ukufaka amakhasi eklabishi abandayo ku-bra kungasiza
- Ukugqoka u-bra ukuze usekele amabele kungasiza ebuhlungwini
- Umama kufanele abeke indwangu efudumele bese kuba ebandayo emabeleni
- Umntwana makancele kakhulu ngangokunokwenzeka
- Hlikihla amabele kancane ukuze ubisi lugeleze

### 7. Ukuncelisa usana

ENingizimu Afrika kukhuthazwa ukuba bonke omama bancelise abantwana ibele kuphela izinyanga eziyisithupha, kungakhathaleki ukuthi bane-HIV noma cha. **Ukuncelisa umntwana ibele kuphela** kusho ukuncelisa umntwana ubisi lwebele kuphela. Umntwana ngeke akudingi okunye ukudla noma iziphuzo. Ngesikhathi encelisa, umama akufanele anike umntanakhe amanzi, amafutha, amakhambi ayitiye, ijusi, iphalishi noma ezinye iziphuzo noma ukudla. Kulungile ukuba anikeze umntanakhe imithi, kanye nama-ARV awanikezwe umsebenzi wezempilo. Akukho makhambi noma imithi yesintu okufanele inikezwe umntwana.




Uma umama engakwazi ukuba umntwana amncelise ibele kuphela izinyanga eziyisithupha, umama kufanele axoxe nabasebenzi basesikhungweni sezempilo ngokumncelisa ibhodlela kuphela.

Njengokumncelisa ibele kuphela, nalapha kubalulekile ukuba umntwana anganikezwa enye into ngaphandle kobisi lwebhodlela kanye nanoma yimiphi imithi, kuhlanganise nama-ARV ahlinzekwa umtholampilo.


### a. Umbamba kanjani umntwana kahle ukuze ancele ngempumelelo?

#### Ukunamathela kahle

- Isilevu somntwana sithinta ibele
- Umlomo uvuleke kakhulu
- Izindebe zigobele ngaphandle
- Inkulu ingxenye yendawo emnyama yengono ebonakala ngaphezu komlomo womntwana, incane engaphansi
- Lokhu kubonisa ukuthi umntwana ufinyelela ngolimi lwakhe ngaphansi kwengono ukuze acindezele ubisi luphume
- Umntwana uncela kancane kodwa ajule
- Ukuncelisa kufanele kube mnandi kungabi buhlungu



Ukunamathela kahle ekunceleni ibele



Ukunamathela kahle ekunceleni ibele

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.4 Ukunakekelwa Ngemuva Kokubeletha (PNC)

### Ukunganamatheli kahle

- Isilevu somntwana asithinti amabele
- Umlomo womntwana awuvulekile kakhulu futhi udebe olungezansi alugobele ngaphandle
- Umntwana akayifakile yonke ingono kanina emlonyeni wakhe kodwa ufake ichopho nje layo kuphela

Ukunganamatheli kahle ekunceleni ibele



### b. Izindlela zokugona umntwana lapho encela

Kunezindlela eziningana umama angagona ngazo umntwana lapho emncelisa. Umama kufanele azizame zonke aze athole indlela ekahle kubo bobabili yena nomntwana.



### c. Izinzuzo zokuncelisa

- Ubisi lwebele lunawo wonke umsoco odingwa umntwana ezinyangeni eziyisithupha zokuqala
- Luhlale lukhona futhi alunagciwane
- Ubisi lwebele lusiza ukuvikela umntwana ezifweni
- Ukuncelisa umntwana ibele kuphela kunciphisa izingcuphe zokudlulisela i-HIV isuka kumama iya kumntwana
- Kuyasiza ekunciphiseni ukopha ngemuva kokubeletha kanye nasekutheni isibeletho sibuyele kusayizi waso ovamile
- Ukugona umntwana asondele kumama kuyabasiza bathandane



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 3 Isifundo 3.4

Ukunakekelwa Ngemuva  
Kokubeletha (PNC)

#### 8. Yini umama angayenza uma encelisa futhi engeke akwazi ukuba nomntwana ngaso sonke isikhathi?

Umama angakhama ubisi (akhame ubisi emabeleni) ukuze omunye umuntu amncelisele umntwana. Kubalulekile ukuba lokhu kwenziwe ngendlela efanele ukuze umntwana angaguli.

##### a. Usihlanza kanjani isitsha sokufaka ubisi lwebele olukhanyiwe?

###### Isinyathelo 1

Chazela umama ukuthi kudingeka inkomishi noma ujeke onomlomo ovulekile. Mchazele ukuthi kubalulekile ukusebenzisa isitsha esihlanzekile ukuze ugcine ubisi olukhanyiwe ukuze umntwana angaguliswa yinoma yimaphi amagciwane asesitsheni.

###### Isinyathelo 2

Hlanza inkomishi ngensipho namanzi ahlanzekile uphinde uhlambulule yonke insipho.

###### Isinyathelo 3

Thela amanzi abilayo esitsheni, uwayeke imizuzu embalwa, bese uyawachitha. Amanzi abilayo azobulala amagciwane amaningi. Khamela ubisi esitsheni esingenalutho.



##### b. Ulugcina kanjani ubisi lwebele?

Ubisi lwebele lungase lugcinwe ngaphandle kwesiqandisi amahora ayisi-6 – 8 kodwa uma lugcinwe emuva kwesiqandisi lungahlala izinsuku eziyisi-8. Khumbula ukugcina ubisi lwebele esitsheni esinesivalo esivala ngcì.

##### c. Ulukhama kanjani ubisi lwebele ngesandla?

###### Isinyathelo 1

Ngaso sonke isikhathi owesifazane kufanele ageze izandla ngaphambi kokukhama ibele. Owesifazane kufanele ahlale noma ame akhululeke, nesitsha eduze kwamabele akhe.

###### Isinyathelo 2

Owesifazane kufanele abeke isithupha sakhe ebeleni phakathi kwengono nendawo ensundu ezungeze ingono, umunwe wakhe olandela isithupha ube sebeleni, uqondane nesithupha. Asekele ibele ngale eminye iminwe. Owesifazane kufanele athinte ngesithupha sakhe nomunwe osilandelayo ezwe ukuthi azikho yini izigaxa ezincane ngasekupheleni kwendawo ensundu ezungeze ingono.



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 3 Isifundo 3.4

Ukunakekelwa Ngemuva  
Kokubeletha (PNC)

#### Isinyathelo 3

Bamba ibele ulicindezele ngesithupha nomunwe osilandelayo emva kwengono nendawo ensundu ezungeze ingono. Cindezela imibhobho emikhulu ngaphansi kwendawo ensundu ezungeze ingono. Ngezinye izikhathi uma amabele enobisi uyakwazi ukuyizwa le mibhobho. Injengemidumba, noma amantongomane. Uma owesifazane ekwazi ukuyizwa, kufanele ayicindezele.

#### Isinyathelo 4

Cindezela udedele, ucindezele udedele. Lokhu akufanele kube buhlungu – uma kubuhlungu, kusho ukuthi awenzi kahle. Ekuqaleni lungase lungabi bikho ubisi oluphumayo, kodwa ngemva kokucindezela izikhathi ezimbalwa ubisi luyoqala ukuphuma.

Khama ibele elilodwa okungenani imizuzu engu-3 – 5 kuze kube yilapho selugeleza kancane; yibe usukhama elinye ibele; bese uwaphinda womabili.



#### d. Ungawabulala kanjani amagciwane ngokuphephile futhi uhlanze izinkomishi?

#### Isinyathelo 1

Ngaso sonke isikhathi umnakekeli kufanele ageze izandla zakhe ngamanzi anensipho ngaphambi kokuba ahlanze izinkomishi zomntwana.

#### Isinyathelo 2

Ukuze uhlanze inkomishi, yigeze futhi uyishukushe emanzini ashisayo anensipho njalo lapho izosetshenziswa. Yiyakaze kahle kuphume yonke insipho. Cwilisa inkomishi emanzini abilayo, noma uthele amanzi abilayo kuyo ngaphambi nje kokuyisebenzisa. Zama ukungasebenzisi izinkomishi ezinezivalo noma ezinezindawo ezimahhadla lapho ubisi lungasalela khona bese kukhula amagciwane.



#### e. Ukugeza nokubulala amagciwane emabhodleleni omntwana namatiti

#### Isinyathelo 1

Ngaso sonke isikhathi umnakekeli kufanele ageze izandla zakhe ngamanzi nensipho ngaphambi kokuba ahlanze amabhodlela omntwana namatiti.

#### Isinyathelo 2

Kunzinyana ukugeza amabhodlela omntwana namatiti kunezinkomishi. Ibhodlela netiti kudingeka linyakazwe ngamanzi abandayo ngokushesha njalo emva kokulisebenzisa, bese ulishukusha ngaphakathi ngebhulashi lokugeza ibhodlela ngamanzi anensipho ashisayo. Liyakaze kahle kuphume yonke insipho. Ngemva kokugeza ibhodlela netiti, kufanele kubulawe amagciwane okungenani kanye ngosuku.



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3 Isifundo 3.4

Ukunakekelwa Ngemuva  
Kokubeletha (PNC)

### Isinyathelo 3

Ukubilisa amabhodlela namatiti ageziwe ngenye yezindlela zokuwabalala amagciwane.

#### Ukuze wenze lokhu:

Faka amabhodlela ebhodweni elinamanzi abilayo bese ukuyeka kubila imizuzu engaba yi-10. Yenza lokhu okungenani kanye ngosuku. Kungcono ukukwenza ekupheleni kosuku.

#### Enye futhi

Faka amatiti esitsheni bese uthela amanzi abilayo awamboze. Amatiti kudingeka aguqulwe ingaphakathi libe ngaphandle bese eshukushwa kusetshenziswa usawoti noma okuthile okumahhadla. Wayeke lapho imizuzu eyishumi.

### f. Ulwenzakanjani ubisi lwebhodlela ngokuphephile?

#### Isinyathelo 1

Ngaso sonke isikhathi umnakekeli kufanele ageze izandla zakhe ngamanzi nensipho ngaphambi kokwenza ubisi lomntwana.

#### Isinyathelo 2

Ngaso sonke isikhathi sebenzisa inkomishi noma ingilazi ebhalwe isikali ukuze ukale amanzi futhi usebenzise ukhezo olunikeziwe ukuze ukale ubisi oluyimpuphu. Kubalulekile ukuba umama noma umnakekeli afunde iziqondiso ezisethinini lobisi ukuze athole ukuthi angasebenzisa amanzi nobisi oluyimpuphu olungakanani. Umama noma umnakekeli kufanele azilandele ngokucophelela lezi ziqondiso noma acele umsebenzi wezempilo ukuba ambonise indlela yokwenza ubisi lomntwana.

Bilisa amanzi, thela inani elidingekayo lamanzi enkomishini yokukala bese uwayeka aphole. Wamboze ngesoso (ipuleti elincane noma okufana nalo) ngesikhathi esaphola futhi ungawayeki aphole imizuzu engaphezu kwengu-30. Lokhu kuyosiza ukuba amanzi angahlali isikhathi eside aze angenwe amagciwane.

Kala ubisi oluyimpuphu ngokhezo olunikeziwe futhi uqiniseke ukuthi uluhlelemba kahle, lungaqongi. Khumbula ukulandela iziqondiso ezisesitsheni ukuze ubone ukuthi uzosebenzisa amanzi nobisi olungakanani. Kubaluleke kakhulu ukuba lezi ziqondiso zilandelwe ngokucophelela.





# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 3 Isifundo 3.4

Ukunakekelwa Ngemuva  
Kokubeletha (PNC)

#### Isinyathelo 3

Thela izinkezo ezidingekayo enkomishini yamanzi aphilile. Goqoza kahle. Ncelisa umntwana usebenzisa inkomishi bese uchitha noma yiluphi ubisi olusale ngesikhathi encela. Uma umntwana eseqedile ukuncela, geza inkomishi kanye nezinye izitsha kahle.

Ngaphambi kokuncelisa umntwana, umnakekeli kufanele ahlole izinga lokushisa lobisi ngokuconsisela 'iconsi' esandleni sakhe umnakekeli ukuze aqiniseke ukuthi alushisi kakhulu.



#### g. Umncelisa kanjani umntwana ngenkomishi?

Ukuze ancilise umntwana ubisi lwebele olukhanyiwe ngenkomishi, umama kufanele:

#### Isinyathelo 1

Umama/umnakekeli kufanele ageze izandla zakhe ngensipho namanzi njalo ngaphambi kokupha umntwana ukudla.

#### Isinyathelo 2

Asonge umntwana ngengubo ukuze izandla zakhe zingayishayi inkomishi futhi ambambe eduze. Asekele ikhanda lomntwana futhi ahlalise umntwana aqonde noma athi ukutsheka kancane ethangeni lakhe umama.

#### Isinyathelo 3

Abambe inkomishi encane ezindebeni zomntwana; umntwana angase aqale ukuzama ukuncela.

#### Isinyathelo 4

Abambele unqenqema lwenkomishi odebeni lomntwana olungenhla bese elutshekisa kancane ukuze ubisi lufike kahle emlonyeni womntwana; umntwana uzobe eseqala ukudonsa ubisi ngolimi. Gcina inkomishi ithe ukutsheka futhi uyeke umntwana alawule izinga ancela ngalo ubisi.



#### h. Umfunza kanjani umntwana ngesipuni?

Ukufunza umntwana ngesipuni kuyasetshenziswa uma umntwana emncane kakhulu futhi ezalwe enesisindo esiphansi, noma ephefumula kanzima.

#### Isinyathelo 1

Umama/umnakekeli kufanele ageze izandla zakhe ngensipho namanzi njalo ngaphambi kokupha umntwana ukudla.

#### Isinyathelo 2

Vumela umntwana ukuba aphuze ubisi esipunini noma ungafaka ubisi oluncane emlonyeni wakhe usebenzisa isipuni. Kubalulekile ukuba ungatheli ubisi olusesipunini emlonyeni womntwana.



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

**3** Isifundo 3.4  
Ukunakekelwa Ngemuva  
Kokubeletha (PNC)

### Ukudlala Indima Yabathile

**Khetha ilungu leqembu elizodlala indima yowesifazane okhulelwe ongaqiniseki ukuthi uzomncelisa ini umntanakhe.**

Xoxa naye ngokukhathazeka kwakhe mayelana nokuncelisa usana, nikhumbule inqubo-mgomo kahulumeni waseNingizimu Afrika mayelana nokuncelisa umntwana ibele kuphela.

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

### OKUHLOSIWE NGALESIFUNDO

Isifundo 3.5 sihlose ukukucobelela ulwazi mayelana nokunakekelwa nokukhula kwezinsana nezingane.

#### Imiphumela Yesifundo

Ekupheleni kwalesi sifundo abafundi kufanele bakwazi:

- Ukukhombisa ukuqonda ukuthi unakekelwa kanjani umtwana osanda kubelethwa, ngenyanga yokuqala
  - Bakhombe izimpawu eziyingozi emntwaneni osanda kubelethwa
  - Bakhombise ukuthi ugezwa kanjani umtwana osanda kubelethwa
  - Bakhombise ukuthi inakekelwa kanjani inkaba ngendlela elungile
- Bachaze ukuthi kungani abantwana abathile beba nesisindo esincane uma bezalwa
- Bachaze baphinde babonise i-Kangaroo Mother Care
- Bakhombe futhi bacebise ngezinkinga ezijwayelekile zabantwana abasanda kuzalwa kanye nesikhathi sokuthi bangabathumela nini esikhungweni sezempilo
- Bakhombise ukuthi lifundwa kanjani ishadi lokuqapha ukukhula komtwana kwi-*Road-to-Health Book (RTHB)* nokukwazi ukubona umtwana ongakhuli ngendlela efanele
- Bakhombe izimpawu zokuntula ukudla okunomsoco ebantwaneni
- Bachaze ngezinye izindlela zokwelapha emakhaya abantwana abagulayo
- Bachaze iqhaza lama-CCG ohlelweni Lokukhulisa Izingane Zisencane (ECD)
- Bachaze izikhathi zokugoma kanye nokuthi kungani kubalulekile
- Bachaze ukuthi yikuphi ukunakekelwa umtwana okumele aluthole ngesikhathi ezalwa kuqhubeka njalo aze abe nezinyanga eziyisithupha ubudala, ngaphandle nje kuphela kwazinyanga zonke zokuhlolwa esikhungweni sezempilo
- Ukusebenzisa ithuluzi Lokuhlonza Impilo Yengane ukukhomba izinto okumele zenziwe unina womntwana kanye ne-CCG
- Xoxani ngAmacebiso angasiza abazali bathuthukise amakhono abo njengabazali

#### Okuqokethwe Kulesi Sifundo

- Ukunakwa komtwana osanda kubelethwa ngenyanga yokuqala ezelwe
- Izimpawu zengozi kumntwana osanda kuzalwa
- Ukugeza umtwana osanda kuzalwa
- Ukunakwa kwenkaba
- Izingane ezizalwa zinesisindo esincane
- I-Kangaroo Mother Care
- Izidingo ezijwayekile kumtwana osanda kuzalwa
- Ukuqapha ukukhula ohlelweni lwe-*Road-to-Health Book (RTHB)*
- Ukungondleki ezinganeni
- Ukwelashwa kwasekhaya kwabantwana abagulayo
- Iqhaza le-CCG ohlelweni lokuKhulisa iziNgane ziseNcane (ECD)
- Uhlelo lokugoma
- Ukunakekelwa komntwana aze abe nezinyanga eziyisithupha
- Ithuluzi Lokuhlonza Impilo Yengane
- Amakhono okuba umzali

### Kutholakala

1. National Department of Health. Community Maternal, Neonatal, Child, Woman's Health Framework. South Africa. 2009
2. National Department of Health. Community-based Maternal, Neonatal, Children and Women's Health and Nutrition Interventions – Pocket Booklet for Community Health Workers. South Africa. 2009
3. World Health Organisation. HIV and Infant Feeding. Geneva. 2009
4. National Department of Health. Integrated Management of Childhood Illnesses. South Africa. 2009
5. King F.S. AMREF. Helping Mothers to Breastfeed Revised Edition. Kenya. 1992
6. KwaZulu-Natal Department of Health. KZN Integrated Antenatal and Postnatal Care Manual. Pietermaritzburg. 2009
7. UNICEF, Department of Social Development. Parental/Primary Caregiver Capacity Building Training Package South Africa. 2008
8. WHO. Handbook on Nutrition and Children 2010
9. MedicineNet.com. How families can help children cope with fear and anxiety. 2005. Available from: <http://www.medicinenet.com/script/main/art.asp?articlekey=41724>
10. KidzGrow Online. Tips on how to bathe a newborn baby. Available from: [http://www.kidzgrow.com/baby\\_care/skin\\_care\\_04.html](http://www.kidzgrow.com/baby_care/skin_care_04.html)
11. Guide to Child Care. Normal Growth and Development. 2011. Available from: <http://guidetochildcare.org/normal-growth-and-development.htm>
12. Breastfeeding, Care, Preventive Measures and Treatment for the Newborn. Available from: [http://www.searo.who.int/LinkFiles/Pregnancy\\_Childbirth\\_k.pdf](http://www.searo.who.int/LinkFiles/Pregnancy_Childbirth_k.pdf)

### Indima yakho njenge-CCG

Indima yakho njenge-CCG ukuqiniseka ukuthi umama uyisa umntanakhe esikhungweni sezempilo njalo lapho kufanele ayohlolwa ukuze kuqashwe ukukhula komntwana; futhi athole yonke imigomo. Kuyodingeka uthumele umama esikhungweni sezempilo ngokushesha uma umntwana engazizwa.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 1. Inyanga yokuqala emuva kokuzalwa

Isikhathi esibaluleke kakhulu somntwana inyanga yokuqala emuva kokuba ezelwe. Yile sikhathi lapho abantwana abaningi befa yize noma ukufa ngokuvamile kungagwemeka. I-CCG ingasiza kakhulu ukugwema lokhu kufa ngokufundisa amalungu ekhaya ngezimpawu zobungozi okumele zibhekwe ebantwaneni abasanda kuzalwa.

I-CCG ingasebenzisa lolu hlu lokuhlola olungezansi ukusiza ukunquma ngokuthi ngabe umntwana usengozini enkulu yokugula kabi. Uma impendulo kunoma imuphi umbuzo ongezansi uwela ebhokisini elinombala ohlwini lokuhlolwa, umntwana kuyodingeka athunyelwe ngokushesha esikhungweni sezempilo oseduze.

## Uhlu lokuhlola: Izimpawu zobungozi kubantwana

	Y=Yebo	C=Cha
1. Ngabe umntwana ukhala ngendlela enempilo yini?	Y	C
2. Ngabe umntwana uphefumula ngokushesha okukhulu noma kancane kakhulu yini?	Y	C
3. Ngabe isikhumba somntwana sinombala othi awube phuzi yini?	Y	C
4. Ngabe umntwana ubekade encela futhi ubisi lwehla kahle yini?	Y	C
5. Ngabe umntwana useke waba nako ukugwabuzela (fits) yini?	Y	C
6. Ngabe umntwana uyashiselwa noma ugodola kakhulu uma uthinta isikhumba sakhe?	Y	C
7. Ngabe umntwana useke wachama nje lokhu kusile namhlanje?	Y	C
8. Ngabe akhona amanzana aphuma emehlweni omntwana, noma ngabe amehlo akhe avuvukele yini?	Y	C
9. Ngabe isikhumba kujikeleza inkaba sibomvu noma sivuvukele?	Y	C
10. Ngabe umntwana uke waligcolisa inabukeni namhlanje yini? Ngabe amakaka akhe abeqinile noma bekuwuhudo?	Y	C
11. Ngabe umntwana uthola ubunzima uma ekaka? (Ngabe umntwana ukhala kakhulu uma ekaka?)	Y	C

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

### 2. Ukugeza umntwana osanda kuzalwa

Kubalulekile ukuthi i-CCG ikhombise umama omusha womntwana indlela enhle yokugeza umntwana. Abanye omama babantwana nabo bangakuthanda ukukhunjuzwa.

#### Umama uyodinga:

- Indawo efudumele eqondile phansi
- Ingubo ethambile noma ithawula
- Usinki noma indishi kaplastiki ofaka kuyo amanzi
- Indwangu yokugeza, elinye ithawula ngaphezulu, uvalo, insipho yabantwana epholile, i-shampoo yabantwana epholile, inabukeni elihlanzekile kanye nokushintsha izingubo

#### Izinyathelo zokugeza umntwana

- Gcina umntwana efudumele ngesikhathi egezwa. Membule kuphela ezindaweni osuke uzigeza njengoba abantwana begodola ngokushesha
- Lalisa umntwana ngomhlane ethawuleni noma engutsheni
- Manzisa indwangu yokugeza, ivoze amanzi bese usula ubuso bengane, asikho isidingo sokusebenzisa insipho
- Sebenzisa uvalo omanzi noma indwangu kakotini emanzi ukusula amehlo, ngaphakathi kuya emakhoneni ngaphandle
- Mugeze ngokukhulu ukuqaphela ngaphansi kwamakhwapha, ngemuva kwamadlebe, kujikeleza umqala nasendaweni ehlala inabukeni
- Muvule inqindi bese umugeza phakathi kweminwe kanye nezinzwane
- Khumbula ukumgeza esithweni sangasese uma eyingane yentombazana kusuka phambili kuya emuva ukuze amagciwane angangeni esithweni sakhe sangasese



#### KUBALULEKILE:

- Ukugcina indawo ifudumele, abantwana bagodola ngokushesha
- Amanzi kumele afudumale uma uwathinta, kodwa angashisi kakhulu
- Ungayifaki ingane emanzini okugeza kuze kube inkaba isiwile. Lokhu kuzosiza ukugwema ukuthi umntwana atheleleke ngezifo
- UNGALINGE ushiye umntwana yedwa emanzini okugeza – ngisho noma imizuzu embalwa. Umntwana angagwiliza ngisho noma ngabe usemanzini amancane
- Ungakhohlwa ukubheka lapho egome khona nge-BCG. Ungafaki lutho kuleyo ndawo
- Izingane zihlale zipaquza, qaphela zingawi

#### Amacebiso Awusizo

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.5 Ukunakekelwa Kosana Nengane

### 3. Ukunakekela inkaba

Indawo yenkaba enganeni ifana nokuba nesilonda futhi ingatheleleka kalula ngezifo uma inganakiwe ngendlela efanele.

- Indawo engasenkabeni kumele ihlanzwe ngaso sonke isikhathi uma ushintsha inabukeni. Sebenzisa uvolo kanye noketshezi lobuthi bakadokotela (surgical spirits). Ungalinge ugeze inkaba ngqo, kodwa ngasendaweni yayo. Qinisekisa ukuthi uyigeza yonke indawo engasenkabeni. Ungashiyi igazi elomile esiswini noma ngasenkabeni
- Hlola ukuthi ayikho indawo evuvukele yini noma ebomvu ngasesiqwini senkaba kanye noketshezana olunukayo
- Ungayimbozi inkaba ukuze ikwazi ukuphola bese yoma ngokushesha uma uyishiye ngaphandle kwezingubo. Lokhu ungakwenza ngokuthi uma ugqokisa umntwana izingubo umfake ezahlukene ibhulukwe nesikibha ukuze inkaba ingambozeki. Qinisekisa ukuthi ayimboziwe yinabukeni
- Umama womntwana angalinge azame ukususa inkaba ngenkani. Izoziwela yona ngokwayo. Into angayenza ukuhlaza ngasendaweni yayo izinsuku ezimbalwa emva kokuba inkaba iwile

#### Isivivinyo Seqembu

#### Umsebenzi 1

Khombisa ilunga leqembu ukuthi ugezwa kanjani umntwana.

#### Umsebenzi 2

Khombisa ukuthi ufundiswa kanjani umama ukuze inkaba.

### 4. Onjani Umntwana Ozalwa Enesisindo Esincane (LBW)?

Uma umntwana enesisindo esingaphansi kuka-2,5kg ngesikhathi ezalwa noma ezalwe ngaphambi kwamasono angama-37 ekhulelwe, lokho kubizwa ngokuthi umntwana ozalwe enesisindo esincane (Low Birth Weight [LBW]). Labantwana maning amathuba okuthi babe nezinkinga.

#### a. Yini ebanga ukuba abantwana bazalwe benesisindo esincane?

- Uma umama ebhema noma ephuza uphuzo oludakayo ngesikhathi ekhulelwe
- Ukukhulelwa kwabantu abasuka ku-13 kuya ku-19 weminyaka (teenagers) ngoba umzimba kamama awukakhuli ngokugcwele
- Uma umama engadli ukudla okunempilo
- Uma umama egula, isib. ephethwe isifo sofuba (TB)

#### b. Kungagwenywa kanjani ukuzalwa kwabantwana abanesisindo esincane ?

- Umuntu okhulelwe kufanele avakashele esikhungweni sezempilo njalo nje ngesikhathi esakhulelwe
- Umuntu okhulelwe kufanele ahlale edla ukudla okunempilo izikhathi eziningi ngesikhathi esakhulelwe
- Umuntu okhulelwe akufanele abheme ugwayi, aphuze uphuzo oludakayo noma adle izidakamizwa
- Umuntu okhulelwe kufanele adle izakhamzimba (vitamins) awanikwa esikhungweni sezempilo
- Umuntu okhulelwe kufanele adle imishanguzo yegciwane lengculazi (ama-ARV) noma yofuba (TB) uma vele ewadla

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.5 Ukunakekelwa Kosana Nengane

### c. Kufanele zinakekelwe kanjani izingane ezingama-LBW?

Indlela enhle kakhulu yokuphatha abantwana abangama-LBW ukusebenzisa **i-Kangaroo Mother Care**. Lendlela isetshenziselwa ukugcina umntwana efudumele futhi yinhle ekwakheni uthando phakathi kukamama nomntwana. Ukusondelana kunika umama isikhathi sokuqapha umntwana kuphinde kusize ukubeka ezingeni elifanele izinga lokushisa komntwana kuphinde kwehlise amathuba okuthi umntwana angenwe izifo. Noma iliphi ilunga lomndeni lingasiza umama wengane nge-Kangaroo Mother Care.

Umntwana akagqoke inabukeni kuphela, isigqoko kanye namasokisi bese-ke ebekwe phakathi kwamabele kamama wakhe bese embathiswa noma ingetshali noma indwangu esifubeni sikanina. Umntwana uphathwa ngasosonke isikhathi enamathele esikhumbeni kunina. Umama womntwana uyalala aphinde aphumule sengathi uhleli efake imicamelu emhlane wakhe ukuze agcine ingane inamathele esifubeni sakhe ngaso sonke isikhathi.



### d. Kumele zineliswe kanjani izingane ezizalwe zinesisindo esincane (ama-LWB)?

Indlela enhle kunazo zonke yokuncelisa ama-LWB ukuwancelisa ibele kuphela. Ukuncelisa ibele kuphela kusho ukuthi umntwana unceliswa ubisi lwebele kuphela futhi akaphiwa noma ikuphi okunye ukudla noma okuphuzwayo (ngisho namanzi imbala), ngaphandle kwemithi, efana nemishanguzo ama-ARVs, ayinikwa umsebenzi wezempilo esikhungweni sezempilo [bheka iSifundo 3.4 mayelana noKunakekelwa Ngemuva Kokubeletha].



Uma umntwana engakwazi ukuncela kahle umama womntwana angasebenzisa ezinye izindlela njengokukhamela ubisi enkomishini bese encelisa umntwana ngenkomishi noma amfunze ngesipuni [bheka iSifundo 3.4 mayelana noKunakekelwa Ngemuva Kokubeletha]. Labantwana bakuthola kunzima ukuphuza njengoba bengenawo amandla futhi bekhathala kalula. Kungenzeka bavele balale esikhundleni sokuthi baphuze isikali esigcwele sobisi. Lomntwana udinga ukunakwa okwanele kanti lokhu kuhlenganisa ukumunika izilinganiso zobisi kancane kancane njalo futhi umyise njalo esikhungweni sezempilo. Uma i-CCG inokukhathazeka kumele itshele umama wengane ukuthi ahambise umntwana kubahlengikazi esikhungweni sezempilo.

Kubaluleke kakhulu ukuhlola ukukhula komntwana. Uma ivakashela emakhaya, i-CCG kumele ihlole ukukhula komntwana isebenzisa ishadi lokuhlola ukukhula i-Road-to-Health Book bese ifundisa umama wengane ngendlela efanele yokuncelisa umntwana. Ishadi le-Road-to-Health ilapho kubhalwa ukukhula komntwana kusuka ezalwa kuqhubeka. Ligcina imininingwane yokugoma, isisindo kanye nobude bayo.



### 5. Iziphi izidingo ezingenzeka ezinganeni ezisanda kuzalwa?

#### a. Ukuthi umntwana angafuni ukuncela

Uma umntwana engalifuni ibele, kungenza kumkhathaze kakhulu umama wengane.

Yini engenziwa:

- Hlola ukuze ubone ukuba ngabe umntwana uyagula yini (ukushisa, uhudo noma ukuphalaza), bese umthumela esikhungweni sezempilo
- Duduza umama wengane
- Muqapheleni umama wengane uma encelisa ukuze nibone ukuthi ngabe ukwenza ngendlela eyiyo [bheka iSifundo 3.4 mayelana noKunakekelwa Ngemuva Kokubeletha]. Uma umama wengane naye abuye ancelse ingane ngebhodlela eliphethe ubisi lwebele umntwana kungenzeka adideke
- Khuthazani umama wengane ukuthi achithe isikhathi bejwayelana (bonding) nomntwana esebenzisa indlela ye-Kangaroo Mother Care

#### b. Umama wengane akanalo ubisi olwanele

Ngezinye izikhathi umama uyaye acabange ukuthi akanalo ubisi olwanele. Okungenzeka ukuthi ubetshelwe amanye amakhosikazi lokhu noma kungenzeka ukuthi usefuna isizathu sokushintshela umntwana obisini lwebhodlela.

I-CCG ingathola lokhu okulandelayo:

- Kungani umama wengane ecabanga ukuthi akanalo ubisi? Kungabe kukhona omunye umuntu omtshela lokhu?
- Kungabe umama wengane uzethemba ngokwanele ngokuncelisa umntwana ngendlela?
- Kungabe umama uncelisa umntwana ngendlela (Bheka ukuthi umama umncelisa kanjani umntwana)
- Buza ukuthi kukangaki umntwana echamela inabukeni. Umntwana oncelayo kumele abe cishe namanabukeni ayisithupha amanzi ngosuku. Uma ingane inamanabukeni ayisithupha amanzi, lokho kosho ukuthi ingane ithola ubisi olwanele

#### c. Amakhala engane acinene

Uma ingane inamakhala acinene, kungenza kube nzima ukuthi ingane incele iphinde iphefumule ngesikhathi esifanayo. Umama wengane angasebenzisa ithawula noma iphepha lethishu ukuklina amakhala engane. Angaligoqa licije bese-ke egoqoza ngalo kancane ngesineke emakhaleni. Kumele ahlanze omabili amakhala ngale ndlela. Uma amafinyila omile kuyasiza ukumanzisa iphepha lethishu ngamanzi ahlanzekile.

#### d. Ingane ekhala njalo

Ezinye izingane zikhala njalo. Kodwa kubalulekile ukuhlola ukuze ubone ukuthi ngabe azikho yini izimpawu zobungozi ohlwini olungasekuqaleni kwalesifundo. Uma yonke into ihamba kahle, emva kwalokho cebisani umama wengane ukuthi apha the aphinde aduduze umntwana. Uma kukhona noma iyiphi inkinga, thumelani umntwana esikhungweni sezempilo oseduzane.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 3 Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

#### e. Ingane incane kakhulu ukuthi ingancela

Uma ingane ingakanceli ngendlela nangesikhathi eside ngokwanele, noma incane kakhulu ukuthi ingancela, yenza noma yini engasebenzela umama wengane kangcono:

- Yekelani umama wengane akhamele ubisi lwebele emlonyeni wengane
- Yekelani umama wengane ukuthi akhame ubisi lwebele bese ephuzisa ingane ngenkomishi noma ngethisipuni [bheka iSifundo 3.4 mayelana noKunakekelwa Ngemuva Kokubeletha]

#### Isivivinyo

1. Yisho izinto ezintathu ezidala ukuzalwa kwezingane ezinesisindo esincane.

---

---

---

---

2. Chaza nge-Kangaroo Mother Care kanye nokuthi yenziwa kanjani.

---

---

---

---

---

3. Yisho izidingo ezintathu ezivamile ngezingane ezisanda kuzalwa kanye nokuthi iziphi iziluleko ongazinika umama wengane.

---

---

---

---

---

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 6. Kuyini Ukuqapha Ukukhula (growth monitoring)?


Ukuqapha ukukhula kusetshenziselwa ukuhlola ukuthi ngabe umntwana ukhula kahle yini. Ishadi le-*Road-to-Health Book* lisetshenziswa ukukhombisa isisindo sengane ukuze kubonakale ukuthi engabe umntwana ukhula kahle futhi ngendlela ehambisana nokulindelwe.

I-CCG ingenza lokhu okulandelayo:

- Ukukala ingane esikalini uma sikhona noma asebenzise uhlelo lwentambo yokukala i-Mid Upper Arm Circumference (MUAC) ukuhlola ukukhula kwengane (bheka isigaba esikhuluma ngokuntuleka kokudla okunomongo ngaphansi uma uqhubeka nalesi Sifundo)
- Chazela umama wengane ukuthi ngabe umdwebo osekhadini i-*Road-to-Health Book* usho ukuthini
- Uma kutholakala ukuthi umntwana akakhuli ngendlela, badlulisele esikhungweni sezempilo
- Fundisa umama ngokuthi kubaluleke kangakanani ukuhambisa umntwana esikhungweni sezempilo njalo ngenyanga ukuze akalwe



## 7. Kusuke kunjani uma umntwana engakhuli kahle?

Lona umntwana onesisindo esincane kunaleso esilindelekile noma umntwana ongakwazanga ukuthola isisindo esanele. Lokhu kuboniswa ngomugqa oyaye uqonde eshadini lokukhula. Lomntwana kumele avakashele umtholampilo cishe kanye ngenanga.



**KUHLE:** okusho ukuthi umntwana ukhula kahle

**INGOZI:** thola ukuthi kungani uthole nesiluleko



**OKUYINGOZI ENKULU:** mhlawumbe ugula kakhulu udinga ukunakwa kakhulu

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3


## Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

### 8. I-CCG ingasiza kanjani uma umntwana engondlekile kahle?

- Qaphela izinkomba zokungondleki kahle (ngokusebenzisa iThuluzi Lokuhlonza Ukungondleki) bese uthumela izingane ezingondlekile kahle esikhungweni sezempilo
- Vakashela amakhaya njalo uyohlola ukuthi ngabe umntwana unjani
- Fundisa umndeni ngokupheka kanye nokudla ukudla okunempilo [bheka iSifundo 2.2 mayelana noKudla Ukudla Okunempilo]

### Ithuluzi Lokuhlonza Ukungondleki (Ukukalwa kwe MUAC)




#### Isinyathelo 1

Buza umama wengane ukuthi indala kangakanani ingane yakhe. Uma umntwana ephakathi kwezinyanga eziyisithupha neminyaka emihlanu, cela imvume yakhe bese wenza okusheshayo, okuphephile futhi okungenabo ubuhlungu ukuhlolwa komntwana ukuthola ukuthi ngabe umntwana akondlekanga kahle yini.

#### Isinyathelo 2

Thola iphakathi nendawo lengalo engenhla esandleni sokudla; lokhu kuphakathi kwehlombe nendololwane.




# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.5 Ukunakekelwa Kosana Nengane

### Isinyathelo 3

Cela umntwana ukuthi angaqinisi ingalo yakhe bese eyidedela ilenge eceleni komzimba wakhe. Yiba usuthatha okuyibhanjana likaplastiki bese uyinamathelisa maphakathi nengalo engenhla yengane.

Qinisekisa ukuthi ibhanjana lelo lingene kahle kujikeleza ingalo. Ungalidonsi liqine kakhulu lize ibange ukuthi isikhumba simpintsheke, noma ithambe kakhulu kuze kube iyawa.



### Isinyathelo 4

Ubamba ingxenye emhlophe yale ntambo esengalweni yomntwana, bopha kahle lentambo enemibala ngembotshana encane kuze kube iyilingana kahle ingalo yomntwana.

### Isinyathelo 5

Bheka umbala okhonjwe imicibisholo emibili ekhomba kuyona.

Imicibisholo izokubonisa obomvu, ophuzi noma ohlaza.

Uma uluhlaza, umntwana unempilo.

Uma uphuzi, kusho ukuthi umntwana usengcupheni yokungondleki kahle.


Uma ubomvu, kusho ukuthi ingane ayondlekile kahle.

### Isinyathelo 6

Phinda isinyathelo sesine nesesihlanu kabili ukuqinisekisa ukuthi umphumela uyafana njalo.

### Isinyathelo 7

Uma umphumela wengane ukhomba umbala ophuzi noma obomvu emuva kokuphuthula ukuhlolwa, qinisekisa ukuthi umama wengane uyihambisa esikhungweni sezempilo ngokushesha, njengoba ingane isengcupheni yokungondleki noma ayondlekile kakade.



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

3 Isifundo 3.5  
Ukunakekelwa  
Kosana Nengane



### Amacebiso Awusizo

#### KUBALULEKILE!

Uma umphumela wokuhlolwa ukhomba ukuthi umntwana unempilo kodwa i-CCG ingenaso isiqiniseko, njalo phakamisa ukuthi umama wengane noma umnakekeli ahambise ingane esikhungweni sezempilo ukuze abahlengikazi bayihlole ngokugcwele.

### Ukudlala Indima Yabathile

**Khetha ilunga leqembu lenu libe umama elinye libe umntwana. Chazela iqembu ukuthi lokhu okulandelayo isimo abazobe bedlala indima kuso:**

Uma ivakashela amakhaya, i-CCG ikala ingane nge-Mid Upper Arm Circumference (MUAC).

Khombisa ukuthi kwenziwa kanjani ukukala nge-MUAC.

I-CCG ithola ukuthi umntwana usendaweni yombala ophuzi.

1. Yibani nengxoxo ngokubaluleka kokuthi umama wengane ahambise umntwana esikhungweni sezempilo ngokushesha.

---

---

---

2. Nikanani ngeziluleko ngokudla okunempilo.

---

---

---

---

3. I-CCG kumele ixoxisane nomama wengane ukuthi izobuya emzini lowo emasontweni amabili azayo ukuzolandelela ngokuvakasha futhi.


# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.5 Ukunakekelwa Kosana Nengane

### 9. Ukugula okujwayelekile ezinganeni

Ukuthetheleka ngegciwane esifubeni okuqala kungazelelwe (isib. inyumoniya, uhudo noma imfiva) kuvame kakhulu ezinganeni ezineminyaka engaphansi kwemihlanu ubudala. Inyumoniya ukuthetheleka ngegciwane ephashini elilodwa noma kuwo womabili. Izimpawu zihlanganisa ukukhwehlela okuhambisana nesikhwehlela (amathe ajiyile avela emaphashini), imfiva kanye nokuphefumula kanzima.

Izingane eziningi ziguliswa yilezi zifo noma izimo futhi zishone. Kubalulekile ukuphawula ukuthi eziningi zalezi zimo zingase zivinjelwe ngokuqinisekisa ukuthi izinsana kanye nezingane zithola yonke imigomo yazo. I-CCG kufanele ibheke ikhadi i-Road-to-Health (RTHB) ukuze iqiniseke ukuthi umama uyamyisa umntwana esikhungweni sezempilo ukuze athole yonke imigomo ye-RTHB. Lokhu kuyosiza ingane ingatholi lezi zimo.



#### Amcebiso Awusizo

Qiniseka ukuthi izingane zithola yonke imigomo yazo ye-RTHB.

### 10. Amakhambi asekhaya angasiza izingane ezigulayo

Lamakhambi angasetshenziswa isikhashana kuze kube yilapho umama wengane noma umnakekeli ekwazi ukuhambisa ingane esikhungweni sezempilo eseduzane.

#### a. Ukushisa

Ukushisa kungaba ingozi kubantwana ngoba kungenza babe nesithuthwane.

- Sebenzisa amanzi afudumele kancane (angafudumali kakhulu) ukupholisa umntwana. Lokhu kuzokwehlisa ukushisa
- Muphe i-Paracetamol (Panado) syrup ngendlela eshiwoyo ebhodleleni
- Gcina umntwana embozekile kancane kodwa angashisi ngokweqile
- Yipha umntwana amanzi okuphuza njalo emuva kwemizuzu engama-30
- Uma umntwana engabi ngcono, muhambise esikhungweni sezempilo masishane

#### b. Ukukwehlela

Abantwana ngesinye isikhathi baqala ukukhwehlela kodwa futhi abahlali bedinga umuthi wokukhwehlela njalo.

- Yenzela umntwana isiphuzo esifudumele itiye elinoshukela noma uju kanye nesiphuzo sikalamula (uma sikhona)
- Ubisi lwebele liyakuqeda ukukhwehlela uma umntwana esancela. Hlanza amakhala ngaphambi kokuncelisa umntwana
- Uma ukukhwehlela kungapheli noma uma umntwana enokushisa mhambise esikhungweni sezempilo

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

### c. Ukuphalaza

Kubalulekile ukuthi umntwana ophalazayo angaphelelwa amanzi emzimbeni. Ukuphalaza kungaba izimpawu zesifo esikhulu njenge-Meningitis.

Izimpawu zokuphelelwa amanzi emzimbeni:

- Indawo ethambile okhakhayini lomntwana ishona phansi
- Ukuphuza asheshe
- Amehlo ashone phakathi
- Ulimi olomile/izindebe
- Uma isikhumba sasesiswini usincinza, sithatha isikhathi ukuthi sibuyele esimweni saso esijwayelekile



#### Amacebiso Awusizo

Ingane engafuni ukuphuza amanzi noma enokuvilapha (ekhathele) kufanele ihanjiswa esikhungweni sezempilo osezuzane ngokushesha.

### d. Isifo sohudo

- Uma umntwana encela ebeleni, qhubeka nokumcelisa ibele kaningi kuphela uma umntwana engaphalazi
- Uma umntwana edla ukudla okuqinile, munike ezinye iziphuzo ezinjengamanzi elayisi noma estabhu, namasobho
- Nika umntwana amanzi axutshwe ushukela nosawoti (ISOLOLO), achazwe ngephansi

ISOLOLO
Ilitha elilodwa lamanzi abilile Amathisipuni awu-8 kashukela Uhafu wethisipuni
Kuxube kahle bese umphuzisa kancane kancane njalo emuva kwemizuzu engu-30

Uma ingane ikhombisa noma iluphi lwezimpawu ezingenhla, amakhambi asekhaya kumele anikwe umntwana kuze kube yilapho umama wayo noma umnakekeli eyihambisa esikhungweni sezempilo.

## 11. Kuyini Ukukhuliswa Komntwana Esemncane (ECD)?

Izingane zikhula ngokomqondo kanjalo nangomzimba ngenxa yalokho ziyaqala ukufunda nokwenza izinto ezinzima uma zilokhu zikhula. I-CCG kumele yazi ukuba yini elindelekile ebantwaneni esigabeni ngasinye ukuze izidingo zokukhula ziqapheleke bese bethunyelwa esikhungweni sezempilo. I-CCG kumele iqaphe ukuthi ngabe kukhona yini umntwana akufundayo uma elokhu ekhula.

### Ukukhula Komntwana Okujwayelekile

Kubaluleke kakhulu ukuthi njalo uma i-CCG ikhona ibheke ukuthi umama usithathile yini isinyathelo mayelana neseluleko sangokuvakasha okudlule.









# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

**3** Isifundo 3.5  
 Ukunakekelwa  
 Kosana Nengane

### Ukukhula Komntwana Okujwayelekile

	Ukubona	Ukuzwa Nokukhuluma	Ukunyakaza (Ukukhula Kwamakhono Okunyakaza)
<b>Buza njalo nje</b>	Ingane yakho iyakwazi ukubona?	Ingane yakho iyakwazi ukuzwa nokuxhumana nabanye njengezinye izingane?	Ingabe ingane yakho yenza izinto ezifanayo nezenziwa yizingane ezingangayo ngobudala?
 <b>amaviki ayi-14</b>	Umntwana ulandela izinto eziseduze ngamehlo	Umntwana uyezwa uma kunomsindo futhi uyayeka ukuncela, acwayize noma ajike	Ingane iphakamisa ikhanda uma uyibeka ehlombe
 <b>izinyanga eziyi-6</b>	Umntwana uyabubona ubuso abujwayele	Ingane ijikisa ikhanda ukuze ibheke umsindo	Ingane ibamba ithoyizi esandleni ngasinye
 <b>izinyanga eziyi-12</b>	Amehlo engane agxila ezintweni ezikude Ameblo anyakaza kahle ndawonye (awayona inxemu)	Ingane iyajika uma ibizwa	Ingane iyahlala futhi idlale ngaphandle kokusekelwa
 <b>izinyanga eziyi-18</b>	Ingane ibuka izinto ezincane nezithombe	Ingane iyakwazi ukukhomba izinto ezintathu ezilula Ingane isebenzisa okungenani amagama ama-3 ngaphandle kwamagama abantu Ingane iyayiqonda imiyalo elula	Ingane ihamba kahle Ingane isebenzisa iminwe ukuze idle
 <b>iminyaka emi-3</b>	Ibona izinto ezime ngendlela ethile ezincane emamitheni ayisi-6	Ingane ikhuluma imisho elula enamagama ama-3	Ingane igijima kahle futhi igibele ezintweni
 <b>iminyaka emi-5 kuya kweyi-6: ukulungela ukuya esikoleni</b>	Umsebenzi wezempilo uyosebenzisa ishadi i-Snellen E ukuze ahlole ukubona kwengane	Ikhuluma imisho epehele futhi iyakhuluma nezingane nabantu abadala	Iyaxhugela ngonyawo olulodwa Iyakwazi ukudweba umuntu wezinti

### THUMELA

Thumela ingane ezingeni elilandelayo lokunakekelwa uma kukhona izinto eziyingqopha-mlando ekukhuleni engakazifinyeleli. Uma inenkinga yokunyakaza yithumele ku-Occupational Therapist/Physiotherapist kanti uma inenkinga yokuzwa noma yokukhuluma yithumela ku-Speech Therapist/Audiologist uma zikhona lezi zinsizakalo endaweni yakini.

### 12. Ingasiza kanjani i-CCG nge-ECD?

Uma i-CCG ivakashela emakhaya kumele:

- Iqinisekise ukuthi umama wabantwana uzihambisa njalo izingane kuze kube zifika eminyakeni emihlanu esikhungweni sezempilo ukuba zikalwe
  - Kusuka ku-0 kuya onyakeni: njalo ngenyanga
  - Kusuka kowodwa kuya kwemibili: njalo ezinyangeni ezimbili
  - Kusuka kwemibili kuya kwemihlanu: njalo enyangeni yesithupha
- Ihlole isimo sezempilo sezingane ezingakangeni esikoleni bese izithumela esikhungweni sezempilo uma kufanele
- Ikale maphakathi nengalo engaphezulu bese ibhala eshadini lokukhula kwabantwana. Ithumele abantwana esikhungweni sezempilo uma isikali singaphansi kunaleso esifanele
- Ibheke ikhadi le-*Road-to-Health (RTHB)* ukubona ukuthi ngabe umntwana uke waleqa yini usuku lokugoma bese ithumela ingane iyogonywa uma usuku lwayo seludlulile
- Ihlole ukuthi ngabe umntwana uwutholile yini uVitamin A bese imdlulisela esikhungweni sezempilo uma kunesidingo
- Ihlole ukuthi ngabe ingane ikhishiwe yini izikelemu ezinyangeni eziyisithupha ezidlulile uma kungenjalo bese yeluleka umama womntwana ukuthi ahambise ingane leyo esikhungweni sezempilo
- Ihlole ukuthi ngabe ingane inaso yini isitifiketi sokuzalwa uma ingenaso ithumele umzali wayo noma umnakekeli wayo eMnyangweni WezaseKhaya

### 13. Kuyini ukugoma, futhi kungani kubalulekile?

Kubalulekile ukuthi bonke abantwana bagonywe ukuze bavikeleke ezifweni ezikhungatha abantwana. Uma umntwana engagonywa, usemathubeni amaningi okuthola izifo. Ukugoma akuvikeli nje umntwana kuphela, kuphinde kuvikele nomphakathi wonke njengoba phela izifo ezivinjwa ukugoma zithathelana.

Ama-CCG kumele abheke i-*RTHB* njalo bese ekhumbuza umama wengane ukuthi ahambise umntwana esikhungweni sezempilo ukuze ayogonywa, ngesikhathi esibekiwe ekhadini lakhe (Bheka ishadi le-*Road-to-Health Book* ukuze uthole isikhathi esigcwele sokugoma). Uma umntwana eqiwe amanye amathuba okugoma, umama wengane kumele aziswe ukuthi kumele abuyisele ingane emuva esikhungweni sezempilo ukuze ithole ukugonywa akweqile. Kubalulekile kakhulu ukuthi ingane ithole lokhu kugonywa. Makukhuthazwe umama womntwana noma umnakekeli wengane ukuthi ahambise ingane esikhungweni sezempilo ngokushesha.

Kungenzeka ingane igule kancane emuva kokugonywa. Lokugula kuvame ukuba kuncane futhi akuthathi ngaphezulu kosuku ukuthi kuphele.

Uma umntwana eqala ukushisa kakhulu, ekhala ngokungaphezulu kokujwayelekile, elala kakhulu, abe nesithuthwane, aqale ukuvuvukala umlomo, ubuso, noma umphimbo, abe nenkinga yokuphefumula kahle noma aqale ukuqubuka lowo mntwana kufanele ahanjise esikhungweni sezempilo ngokukhulu ukushesha.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3 Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

Uhlelo Lokugoma			
Iqembu Lesikhathi Sobudala	Umgomo	Isifo	Imithelela engemihle
Ekuzalweni (iqoqo lokuqala lemijovo)	BCG	Isifo sofuba	Amashashazi
	OPV	Isifo sovendle	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
amaviki ayi-6 (iqoqo lesibili lemijovo)	OPV	Isifo sovendle	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
	RV	Isifo sohudo	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
	DTaP-1PV-HiB	Isifo esivimbanisa umphimbo, isifo sokubambeka imisipha, Ukhohlokhohlo, isifo solwembu lobuchopho	Imfiva nokungaphatheki kahle
	Hep B	Ukutheteleka ngegcwane kwesibindi	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
	PCV	Inyumoniya	Imfiva nobuhlungu bemisipha
amaviki ayi-10 (iqoqo lesithathu lemijovo)	DTaP-1PV-HiB	Isifo esivimbanisa umphimbo, isifo sokubambeka imisipha, Ukhohlokhohlo, isifo solwembu lobuchopho	Imfiva nokungaphatheki kahle
	Hep B	Ukutheteleka ngegcwane kwesibindi	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
amaviki ayi-14 (iqoqo lesine lemijovo)	RV	Isifo sohudo	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
	DTaP-1PV-HiB	Isifo esivimbanisa umphimbo, isifo sokubambeka imisipha, Ukhohlokhohlo, isifo solwembu lobuchopho	Imfiva nokungaphatheki kahle
	Hep B	Ukutheteleka ngegcwane kwesibindi	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
	PCV	Inyumoniya	Imfiva nobuhlungu bamamasela
izinyanga eziyi-9 (iqoqo lesihlanu lemijovo)	Measles	Isimungumungwana	Imfiva
	PCV	Inyumoniya	Imfiva nobuhlungu bamamasela
izinyanga eziyi-18 (iqoqo lesithupha lemijovo)	DTaP-1PV-HiB	Isifo esivimbanisa umphimbo, isifo sokubambeka imisipha, Ukhohlokhohlo, Isifo solwembu lobuchopho	Imfiva nokungaphatheki kahle
	Measles	Isimungumungwana	Imfiva
iminyaka eyisi-6 (iqoqo lesikhombisa lemijovo)	Td	Isifo sokubambeka imisipha kanye nesifo esivimbanisa umphimbo	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle
iminyaka eyi-12 (iqoqo lesishiyagalombili lemijovo)	Td	Isifo sokubambeka imisipha kanye nesifo esivimbanisa umphimbo	Imfiva, ukuhlanza, ukungaphatheki kahle

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### 14. Iziphi usizokalo umama wengane okumele azilindele esikhungweni sezempilo ngezinyanga zokuqala eziyisithupha umntwana ezelwe?

Bonke omama babantwana kumele bahambise izingane zabo esikhungweni sezempilo NJALO ngenyanga bayokalwa kodwa zine izimo ezibalulekile zokuvakasha kwabo emuva kokubeletha futhi akumele bazeqe:

- Emahoreni ayisithupha emuva kokubeletha
- Ezinsukwini eziyisithupha emuva kokubeletha
- Emasontweni ayisithupha emuva kokubeletha
- Ezinyangeni eziyisithupha emuva kokubeletha

Ukuvakasha kokuqala kwenzeka emuva kokuba umama womntwana akhishwe esikhungweni sezempilo emahoreni ayisithupha ebelethile.

Kulokhu kubalulekile ukuthi umama wengane ahambise umntwana wakhe esikhungweni sezempilo kanye ngenyanga kuze kube yilapho umntwana esenonyaka owodwa, ukuqinisekisa ukuthi umntwana ukhula kahle.

### Uhlelo Lokuvakasha Kokunakekelwa Kwangemuva Esikhungweni sezempilo

Lelithebula elilandelayo liveza ukuthi ikuphi okunye ukunakwa kanye nosizo umntwana alitholayo ngesikhathi evakashela esikhungweni sezempilo. Lokhu kuvakasha kungaphezu kokuvakasha njalo kwenyanga ngayinye ukuze umntwana ayokalwa.

Emahoreni ayisithupha emuva kokubeletha	Ezinsukwini eziyisithupha emuva kokubeletha	Emasontweni ayisithupha emuva kokubeletha	Ezinyangeni eziyisithupha emuva kokubeletha
Umama nomntwana akumele bakhishwe esibhedlela engakadluli amahora ayisithupha ebelethile Umama uzofundiswa ngezindlela zokuncelisa <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuncelisa ibele kuphela</li> <li>• Ukumncelisa ubisi lwebhodlela</li> </ul>	Hambisa umntwana esikhungweni sezempilo ukuyohlolwa ngezinsuku zokuqala eziyisithupha	Hambisa umntwana esikhungweni sezempilo ekuhlolweni kwamasono ayisithupha okuqala	Hambisa umntwana esikhungweni sezempilo ekuhlolweni kwezinyanga zokuqala eziyisithupha
Ukuhlolwa umntwana ayokuthola			
Umntwana kumele athole: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Umgomo we-BCG</li> <li>• Umgomo wesifo sovindle</li> <li>• Uma umama womntwana enegciwane lesandulela-ngculazi HIV – umntwana uzodla ama-ARV futhi umama uyokwelulekwa ngokuthi kumele ayiphuzise kanjani ingane amaphilisi ama-ARV</li> </ul>	Umntwana kumele ahlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ijondisi (isikhumba somntwana sibukeka siphuzi)</li> <li>• Ukungakhuli kahle kwesisindo sakhe</li> <li>• Inkaba itheleleka ngezifo</li> <li>• Akakaki</li> <li>• Uphathwa uhudo</li> <li>• Akanceli ngendlela efanele</li> <li>• Akalali ngokwanele</li> <li>• Ngabe umntwana ukhula ngendlela ejwayelekile?</li> </ul>	Umntwana kumele ahlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ijondisi (isikhumba somntwana sibukeka siphuzi)</li> <li>• Ukungakhuli kahle kwesisindo sakhe</li> <li>• Inkaba itheleleka ngezifo</li> <li>• Akakaki</li> <li>• Uphathwa uhudo</li> <li>• Akanceli ngendlela efanele</li> <li>• Akalali ngokwanele</li> <li>• Ngabe umntwana ukhula ngendlela ejwayelekile?</li> </ul>	Umntwana kumele ahlolwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Isisindo</li> <li>• Ukusebenza kwesisu</li> <li>• Ukondleka komzimba</li> <li>• Ukuthi ngabe umntwana ukhula ngendlela ejwayelekile?</li> </ul>

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.5 Ukunakekelwa Kosana Nengane

Emahoreni ayisithupha emuva kokubeletha	Ezinsukwini eziyisithupha emuva kokubeletha	Emasontweni ayisithupha emuva kokubeletha	Ezinyangeni eziyisithupha emuva kokubeletha
<b>Ukunakekelwa Nokusekelwa</b>			
<p>Abantwana abanomama abanegciwane lengculazi bazonikwa amaARV ngesikhathi besancela ibele</p> <p>Umntwana uzoqhubeka nokudla imishanguzo ama-ARV inyanga eyodwa emva kokuthi umama womntwana eyeka ukumuncelisa ibele</p> <p>Umntwana uyobe esedinga ukuthi ahlolwe igazi ukuthi akanayo yini i-HIV</p>	<p>Umnakekeli wezempilo kumele axoxe ngokubaluleka kokugoma umntwana bhuku le-<i>Road-to-Health</i> nomama womntwana</p> <p>Gcizelela ukubaluleka kumama ukuncelisa ibele kuphela okungenani izinyanga eziwu-6</p>	<p>Umntwana kumele athole ukugonywa kwamasono ayisithupha futhi lokhu kumele kubhalwe phansi ebhukwini le-<i>Road-to-Health</i></p> <p>Gcizelela ukubaluleka kumama ukuncelisa ibele kuphela okungenani izinyanga eziwu-6</p>	<p>Osompilo bazobhala phansi konke ukugoma umntwana akutholile eshadini le-<i>Road-to-Health</i>, kuhlanganisa ukugonywa umntwana akutholile ngesikhathi evakasha esikhungweni sezempilo amasono angu-10 kuya kwangu-14</p> <p>Gcizelela ukubaluleka kumama ukuncelisa ibele kuphela okungenani izinyanga eziwu-6</p>
	<p>Umama wengane uzotshelwa ukuthi kumele alethe umntwana esikhungweni sezempilo ukuze ayohlolwa futhi agonywe uma umntwana esenamasono ayisithupha ubudala</p>	<p>Uma umama enegciwane lesandulela gculazi i-HIV, kumele aphinde asekelwe mayelana nokuthi kumele ayinike kanjani ingane imishanguzo yama-ARV</p>	<p>Okunye ukusekelwa kanye nokululekwa ngezindlela zokugwema ukuba umntwana angaphelelwa amanzi emzimbeni ikakhulu abantwana abanohudo</p>
	<p>Uma umntwana edla imishanguzo ama-ARVs umntwana uzokalwa bese kuthi nemithi ishintshwe ukuze ihambisane nesisindo somntwana</p>	<p>Uma umama enegciwane lesandulela ngculazi i-HIV, umntwana uyovele aqaliswe ukudla imishanguzo ukugwema ukuthi angangenwa izifo</p>	<p>Umama uyokwaziswa ukuthi kumele abuyise umntwana azohlolwa igazi futhi athole eminye imigomo uma umntwana esenezinyanga eziyisishiyagalolunye ubudala</p>
		<p>Uma umama enegciwane lesandulela ngculazi i-HIV:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Umntwana kumele ahlolwe igazi enze ukuhlolwa kwe-HIV PCR ukuze kutholakale ukuthi ngabe unalo yini igciwane</li> </ul>	

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

Emahoreni ayisithupha emuva kokubeletha	Ezinsukwini eziyisithupha emuva kokubeletha	Emasontweni ayisithupha emuva kokubeletha	Ezinyangeni eziyisithupha emuva kokubeletha
		<ul style="list-style-type: none"> <li>• Umama womntwana uyokwaziswa ukuthi kumele abuyele esikhungweni sezempilo emva kwamasono amane ukuyolanda imiphumela yegazi emva kokwenza ukuhlolwa kwe-HIV PCR</li> <li>• Uma umntwana enegciwane lesandulela ngculazi, kumele umama wayo aqinisekise ukuthi ingane iqala ukudla imishanguzo ama-ARV masishane</li> <li>• Uma umntwana engenalo igciwane lesandulela ngculazi, umama kumele aqinisekise ukuthi umntwana uphinde abuyele ukuyohlola igazi ezinyangeni ezingu-18</li> </ul>	
		Umama uyokwaziswa ukuthi umntwana kumele abuyiswe azohlola igazi futhi athole nokunye ukugonywa, uma umntwana esenamasono angu-10 ubudala	

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

## 3 Isifundo 3.5 Ukunakekelwa Kosana Nengane

Uma kukhona izingane ezineminyaka engaphansi kwengu-5 ekhaya, i-CCG ingasebenzisa leli thuluzi ukuze ihlonze impilo yomntwana bese iluleka umama wayo ngendlela efanele.

## Ithuluzi Lokuhlonza Impilo Yengane

### Okufanele kuqashelwe i-CCG:

Sicela ufunde iziqondiso zombuzo ngamunye kuleli Thuluzi Lokuhlonza Impilo Yengane bese uhlonza zonke izingane ezineminyaka ephakathi kwamaviki ayisithupha neminyaka emihlanu

Khumbula, uma wenza uphawu kwelinye lamabhokisi elixhumene nokusebenza kuleli thuluzi lokuhlonza, kumele uthathe zonke izinyathelo ezintathu ezilandelayo:

- Thumela umama/umnakekeli nomntwana esikhungweni sezempilo ngokukhulu ukushesha. Mkhumbuze ukuthi athathe ikhadi lomgomo (*Road-To-Health Book*)
- Bhala ukuthi lowo muzi ukuphi nendawo nesizathu sokuvakasha uzolandela
- Buyela kulowo muzi kungakapheli amasonto amabili ukulandelela bese uqinisekisa ukuthi umntwana uhanjisiwe esikhungweni sezempilo. Qhubeka nokulandelela njalo emasontweni amabili kuze kube unaso isiqiniseko sokuthi umntwana uhanjisiwe esikhungweni sezempilo



### Amacebiso Awusizo

Buza umama/umnakekeli lemibuzo elandelayo kuzo zonke izingane emndenini eziphakathi kwamasonto angu-6 ukuya kwiminyaka engu-5.

1. Ingakanani le ngane ubudala?

Yakala izinyanga

### 2. Ukugoma

Cela ukubona ikhadi lomgomo (*Road-to-Health Book*) bese ubheka ukuthi yimiphi imigomo umntwana ayitholile.



Ingabe ingane iyithole yonke imigomo obekufanele iyithole?

Yebo

Cha



### OKUFANELE UKWENZE:

Khumbuza umama womntwana ukuthi kungani ukugonywa kwabantwana kubalulekile bese umkhuthaza ukuthi ahambise umntwana ngokushesha ayothola ukugonywa angakwenzanga.

# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

### 3. Ukungondleki

Kala ubungako bengalo uzungeze iphakathi nendawo lengalo engenhla yengane. (bheka isivivinyo mayelana nokukala iphakathi nendawo lengalo engenhla engxenye ethi ukungondleki.)



Unjani umbala ebhandeni embotshaneni yebhande lokukala?

**Uuhlaza**

**Uphuzi**

**Ubomvu**



#### OKUFANELE UKWENZE:

Uma imaphakathi lengalo engaphezulu yomntwana liwela endaweni ephuzi noma ebomvu, tshela umama womntwana ukuthi kumele ahambise ingane yakhe esikhungweni sezempilo ngokushesha.

### 4. Ezinye izifo nezimpawu eziyingozi:

Ingabe umama ukhathazekile ngokuthi kungenzeka ukuthi umntwana AKAPHILILE ngenxa YANOMA YISIPHI ISIZATHU?

**Yebo**

**Cha**



#### OKUFANELE UKWENZE:

Uma umama ekhathazekile ngengane yakhe NOMA NGABE ISIPHI SONA ISIZATHU kumele ahambise ingane esikhungweni sezempilo ngokushesha.

**Ngabe ingane ike yabanazo izimpawu ezilandelayo zokugula?:**



#### OKUFANELE UKWENZE:


Uma ingane ike yaba nolunye lwalezi zimpawu zokugula, khuthaza umama ukuthi ahambise ingane esikhungweni sezempilo ukuze ihlolwe ngokushesha.

- |   |                          |  |                          |
|---|--------------------------|--|--------------------------|
| • Ayikwazi ukuphuza noma incele ibele .....                                       | <input type="checkbox"/> | • Iyavilapha (iyakhathala) noma iyaquleka .....        | <input type="checkbox"/> |
| • Umntwana akakhali ngendlela enempilo .....                                      | <input type="checkbox"/> | • Isikhumba sinombala ophuzi .....                     | <input type="checkbox"/> |
| • Isikhumba esizungeze inkaba sibomvu futhi sivuvukele .....                      | <input type="checkbox"/> | • Uhudo .....  | <input type="checkbox"/> |
| • Iphalaza konke ekudlile .....   | <input type="checkbox"/> | • Imfiva noma uyabanda kakhulu uma umthinta .....      | <input type="checkbox"/> |
| • Imiqhakanyeko (iyadlikiza) .....  | <input type="checkbox"/> | • Akazange achame namuhla .....                        | <input type="checkbox"/> |
| • Iyakhwehlela noma iphefumula kanzima .....                                      | <input type="checkbox"/> | • Akazange akake namuhla .....                         | <input type="checkbox"/> |
| • Iphefumulela phezulu noma iphefumula kancane kakhulu .....                      | <input type="checkbox"/> | • Umqala oqinile .....                                 | <input type="checkbox"/> |
| • Isifuba sishone phakathi (izimbambo zishona phansi uma ingane iphefumula) ..... | <input type="checkbox"/> | • Ukuqubuka .....                                      | <input type="checkbox"/> |
|   |                          | • Inkinga yendlebe, ibuhlungu noma iphuma ubomvu ..... | <input type="checkbox"/> |
|   |                          | • Isifo samehlo/amehlo akhalayo abomvu .....           | <input type="checkbox"/> |



# INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

### 5. Isimo Se-HIV:



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.5

Ukunakekelwa  
Kosana Nengane

### Ukudlala Indima Yabathile

**Chazela iqembu ukuthi lokhu okulandelayo isimo abazobe bedlala indima kuso:**

Abazihlukanise ngababili. Omunye umuntu uzodlala indima ye-CCG kuthi omunye adlale indima kamama.

- I-CCG ivakashela umuzi onomntwana onezinyanga ezinhlanu
- I-CCG izoxoxa nomama ngethuluzi Lokuhlonza Impilo Yengane
- I-CCG kumele ikhuthaze umama wengane ukuthi athathe izinyathelo eziphakanyisiwe

### 15. Imaphi amakhono okuba umzali?

Ukuba umzali kuphathelele nokukhulisa abantwana ukuze bakhule babe abantu abadala abanempilo; emzimbeni, emoyeni nasengqondweni. Kuphathelele nokusekela abantwana, ukuba umuntu omuhle nokuphila impilo eyisibonelo kubona. Kuwumsebenzi othatha isikhathi eside, uthando, isineke nokuzinikela.



### Amacebiso Awusizo

Ukuba umzali kunzima, kodwa kunemivuzo eminingi.

### 16. I-CCG ingabasiza kanjani abazali?

I-CCG ingabanika amasu neziluleko ngokuthi bangaba kanjani abazali abalungile:

- Abantwana kumele bafundiswe futhi bakhuthazwe ukuthi bazimele:
  - Khuthaza abantwana ukuthi bazigqokise futhi basize nasendlini ngokubanika imisebenzi emincane okumele bayenze abangakwazi ukuyimela eminyakeni yabo
  - Lokhu kubafundisa ukuthi bakhulume namanye amalunga omndeni wabo bese kubasiza ukuthi babe nokuzethemba okukhulu (bacabange futhi benze ngendlela enhle)
- Abazali kufanele:
  - Baqiniseke ukuthi ingane iya njalo esikhungweni sezempilo lapho kudingeka ukuze iqaphwe ukukhula futhi ithole yonke imigomo
  - Bachithe isikhathi nezingane zabo. Lena ngenye yezingxenye ezibaluleke kakhulu zokuba umzali. Kufanele bakhulume nazo, bafunde nazo izincwadi futhi baphendule imibuzo yezingane. Ukuchitha isikhathi nezingane kusho ukuthi akufanele nje babukele i-TV nazo kuphela
  - Babonise imizwa nomoya omuhle ebantwaneni ngisho noma ngabe izinto zinzima. Lokhu kubasiza ukuthi bafunde ukumelana nobunzima



- Benze isiqiniseko sokuthi ikhaya liphephile kubantwana ukuze bakwazi ukudlala futhi bafunde. Ungagcini izinto eziyingozi endlini ezingalimaza abantwana [bheka iSifundo 2.5 esikhuluma ngokuPhepha eKhaya]
- Babeke imithetho banamathele kuyo. Bonke abantwana badinga ukwazi ukuthi yini abangayenza nengafanele bayenze
- Basize abantwana bakholelwe kubona ngokubakhuthaza ukuthi benze izinto ezifana nokuzigqokisa noma ukuzibopha izintambo zezicathulo
- Bavumele abantwana ukuthi bazenzele izinqumo zabo kusuka ezintweni ezincane isb. iziphi izicathulo okumele bazigqoke. Lokhu kuyobasiza bakwazi ukuzenzela izinqumo ezinkulu ekuphileni esikhathini esizayo
- Nika ukuqguqguzela okuningi nothando. Lokhu kukhulisa ukuzethemba ezinganeni
- Bavikele umntwana kuzo zonke izinhlobo zokuhlukunyezwa [bheka iSifundo 5.8 Ngodlame lasemaKhaya kanye nesifundo 5.10 esikhuluma ngokuHlukunyezwa kwabaNtswana]
- Benze isiqiniseko sokuthi abantwana bayazi ukuthi bangakwazi ukukhuluma nomzali noma ngabe iyiphi inkinga abanayo
- Bangalwi, baphikisane noma bahlukumezane phambi kwengane

### 17. Ukugcina izingane ziphephile

Iqhaza elibaluleke kakhulu lomzali ukugcina ingane iphephile kanye nokuyivikela. Ezinye zezindlela lokhu okungase kwenziwe ngazo yilezi:

- Hambisa ingane esikhungweni sezempilo njalo lapho kufanele iyohlolwa ukuze kuqashwe ukukhula kanye nokuvakasha kwe-*RTHB*
- Qiniseka ukuthi ingane ithola konke ukuhlolwa kwempilo okwenziwa esikoleni
- Sheshe uhambise ingane esikhungweni sezempilo uma ingazizwa kahle
- Thatha izinyathelo ezidingekayo zokuvikela ingane uma ihlala noma ihamba iyovakasha endaweni enomalaleveva [bheka iSifundo 4.15 mayelana noMalaleveva]
- Xoxa nengane ngokungabhemi, ngokungaphuzi utshwala noma ukudla izidakamizwa
- Xoxa nengane futhi ubheke izimpawu zokuhlukunyezwa ezinye izingane
- Xoxa nengane mayelana nokuthi kungani kungafanele ixoxe noma yamukela amaswidi kubantu engabazi
- Xoxa nengane ngokuhlukunyezwa ngokocansi futhi uqiniseke ukuthi iyazi ukuthi kufanele itshele othile emethembayo uma ithintwa ngendlela engafanele
- Gcina indawo ekhaya iphephile ngokugcina izintambo zikagesi zimboziwe; ukubeka umentshisi, uphalafini, imithi nezinye izinto eziyingozi kude lapho izingane zingafinyeleli khona
- Qiniseka ukuthi ingane iboshwe kahle uma isemotweni. Sebenzisa ibhande lesivikelo noma izihlalo zemoto ukuze ugcine ingane iphephile
- Qhamuka nohlelo. Yenza uhlelo lwesimo esiphuthumayo somndeni, njengendawo yokuhlangana lapho bonke kufanele bahlangane khona uma kukhona into engalindelwe eyehlakalayo emndenini noma emphakathini. Lokhu kusiza bobabili abazali nabantwaba ukuthi bazizwe bephephile

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Isivivinyo

1. Yini okumele i-CCG iyihlole uma ihlola i-ECD?

---

---

---

---

2. Chaza ukuthi kuyini ukugonywa futhi kungani kubalulekile.

---

---

---

---

### Isivivinyo Seqembu

Ngamaqoqo, xoxani ngokuthi bangasiza kanjani abazali ukwenza isiqiniseko sokuthi abantwana babo banempilo ngokomzimba nasengqondweni.

---

---

---

---

---

---

---

---

## INgxenye 3 Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

UBusi, i-CCG, uhlangana noGogo Mokoena emhlanganweni wengadi yomphakathi. Ngesikhathi eze kulo mhlango uBusi uxoxa nabo bonke mayelana nokuthi kubaluleke kangakanani ukuba abesifazane abacabanga ukuthi bakhulelwe baye esikhungweni sezempilo bayohlololwa ukukhulelwa ngokushesha nokuthi abesifazane abakhulelwe kufanele banakekelwe kahle ukuze bobabili umama nomntwana babe nempilo.

Ekupheleni kwalo mhlango, uGogo Mokoena utshela uBusi ukuthi uhlala nendodana yakhe yesibili kanye nomakoti wayo uThandi, kanye nezingane zabo ezincane ezimbili enye ineminyaka engu-3 kanti enye ineminyaka engu-7. Kanti futhi indodakazi esiyitshitshi yendodana yakhe endala nayo ihlala nabo. UGogo utshela uBusi ukuthi kungenzeka ukuthi umakoti wakwakhe ukhulelwe.



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

Fundani le ndaba eyisibonelo, bese nihlukana nibe ngamaqoqo futhi nixoxe ngemibuzo yokuvakasha ngakunye.

1. Yini okungenzeka ukuthi uThandi uyitshela uGogo, eyenza uGogo acabange ukuthi uThandi ukhulelwe?

---

---

---

---

2. Lapho ezwa lokhu akutshelwa uGogo, yini uBusi okufanele ahlele ukuyenza manje?

---

---

---

---

#### Ukuvakasha 1:

UBusi uthola uThandi kanye nengane encane endlini. UThandi utshela uBusi ukuthi umyeni wakhe usemsebenzini kanti ingane yakhe endala nomshana wakhe basesikoleni.

UBusi utshela uThandi ukuthi baxoxile noGogo Mokoena emhlanganweni futhi uGogo ucabanga ukuthi kungenzeka ukuthi uThandi ukhulelwe. Ucela kuThandi imvume yokuxoxa naye mayelana nokuhlololwa ukukhulelwa. UBusi utshela uThandi ukuthi uzombuza imibuzo ukuze abone ukuthi kufanele yini aye esikhungweni sezempilo ayohlololwa ukukhulelwa.

1. Yiliphi ithuluzi lokuhlonza uBusi okufanele alisebenzise ukuze ahlele ukuthi uThandi kufanele yini ayohlololwa ukukhulelwa esikhungweni sezempilo?

---

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

UThandi utshela uBusi ukuthi ugcine ukuya esikhathini emavikini ama-5 edlule nokuthi akasebenzisi lutho lokuvimbela inzalo.

2. Esebenzisa ithuluzi lokuhlonza kanye nolwazi olungenhla, uBusi kufanele atshele uThandi ukuba enzenjani? Nikeza izizathu zezimpendulo.

---

---

---

UThandi utshela uBusi ukuthi kunzima ngokwezimali futhi ukhathazekile ngokuthi bangase bangakwazi ukunakekela umndeni wabo uma sekukhona omunye umntwana okufanele bamnakekele.

3. Yiziphi izinto uThandi angakhetha kuzo? Yini uThandi okuyodingeka ayenze ukuze afaneleke?

---

---

---

---

4. Ingabe akhona amasiko okufanele awacabangele? Uma kunjalo, yimaphi futhi uBusi angamsiza kanjani uThandi kanye nomkhaya wakhe ukuba banqobe lokhu?

---

---

---

---

5. Ubani omunye uThandi angaxoxa naye mayelana nalokhu?

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

Okulandelayo, uBusi uxoxa noThandi ngempilo yalaba abanye abantwana ababili.

6. UBusi uyokwazi kanjani ukuthi izingane zinempilo nokuthi zikhula ngokufanele?

---

---

---

7. Yiziphi usizokalo zezingane ezingatholwa uBusi kulo mphakathi?

---

---

---

8. Khombisa ukuthi uBusi angalisebenzisa kanjani ithuluzi Lokuhlonza Impilo Yengane enganeni encane.

---

---

UBusi ucela ukubona nekhadi lomgomo (*Road-to-Health Book*) lengane endala. Uphawula ukuthi le ngane ayizange iyithole imigomo yokugcina.

9. Yini uBusi okufanele ayitshela umama mayelana nalokhu?

---

---

---

10. UBusi kufanele awulandelele nini futhi umkhaya wakaMokoena? Obani okufanele abalandelele futhi yini okufanele ayilandelele kumuntu ngamunye?

---

---

---



# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

#### Ukuvakasha 2:

UBusi uyabuyela kulo mkhaya. UThandi uyaqinisekisa ukuthi uyile esikhungweni sezempilo nokuthi umsebenzi wezempilo esikhungweni sezempilo umtshale ukuthi usenamasonto ayisi-8 ekhulelwe. Futhi uThandi unqume ukuthi amgcine lo mntwana.

1. Yini uBusi okudingeka ahlole ukuthi uThandi uyenzile yini ngesikhathi esesikhungweni sezempilo?

---

---

---

2. Kufanele aye kaningi kangakanani uThandi esikhungweni sezempilo?

---

---

---

3. Yiziphi izimpawu eziyingozi lo mkhaya okufanele uziqaphele?

---

---

---

UThandi utshela uBusi ukuthi ukhathazekile ngokuthi kungenzeka ukuthi umshana wakhe useqale ukuya ocansini. Ucela uBusi ukuba akhulume nomshana ngokuhlela umndeni.

4. Yiluphi ulwazi mayelana nokuthi kungani kukuhle ukuhlela umndeni uBusi okufanele alutshale umshana?

---

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

5. Umshana kufanele anqume kanjani ekutheni iyiphi indlela yokuhlela umndeni okufanele ayikhethe?

---

---

---

---

6. Likhona yini olunye ulwazi olumayelana nokukhulelwa kwentsha uBusi okufanele alutshale umshana? Uma kunjalo, yiluphi lolo lwazi?

---

---

---

---

7. UBusi kufanele ahlele ukuwuvakashela nini futhi umkhaya wakwaMokoena? Obani okufanele abalandelele futhi yini okufanele ayilandelele kumuntu ngamunye?

---

---

---

---

8. Kufanele lube njani uhlelo lukaBusi oluphelele lokuvakashela kwaMokoena?

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

9. Yimaphi amaphuzu abaluleke kakhulu uBusi abezowaxoxa nalo mndeni ekuvakasheni ngakunye?

---

---

---

#### Ukuvakasha okulandelayo:

UBusi udlula kwaMokoena futhi ngosuku uThandi nomntwana abaphuma ngalo esibhedlela. UBusi ufuna ukubabheka ukuthi banjani. UThandi ukhathazekile ngokuthi umntwana akatholi ubisi olwanele ngokuncela. Ucabanga nokuthi amncelise ubisi lwebhodlela.

1. Yini uBusi okufanele ayisho kuThandi mayelana nokuthi kungani ukuncelisa umntwana ibele kuphela kukuhle nokuthi yini uThandi angayenza ngenkinga yakhe?

---

---

---

---

2. Yini enye okungenzeka ivimbela uThandi ukuba afune ukuncelisa? UBusi angamsiza kanjani ukuba anqobe lokhu?

---

---

---

---

UBusi ucela uThandi ukuba amkhombise ukuthi umntwana ulincela kanjani ibele.

3. Chaza ukuthi yini uBusi okufanele ayibheke ukuze aqiniseke ukuthi umntwana uncela ngendlela efanele.

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

4. UBusi uqinisekisa kanjani ukuthi umama nomntwana baphila kahle? Yini okufanele ayibheke kubo bobabili?

---

---

---

---

5. Yini okufanele ayenze uma ecabanga ukuthi kunenkinga?

---

---

---

---

#### Ukuvakasha okulandelayo:

UThandi uyafika futhi ngakusasa ukuze aqiniseke ukuthi uThandi uyakwazi ukuncelisa kahle umntwana. Ngesikhathi elapho, uGogo Mokoena ucela uBusi ukuba abasize bageze umntwana. Bakhathazekile nangokugeza inkaba.

1. Chaza ukuthi yimaphi amasu uBusi angawanika uGogo noThandi mayelana nokugeza umntwana.

---

---

---

2. Bangayinakekela kanjani inkaba ukuze baqiniseke ukuthi ayingenwa amagciwane?

---

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

#### Ukuvakasha okulandelayo:

UBusi uyabuyela futhi kwaMokoena ngemva kwenyanga.

1. Yini uBusi okufanele ayibheke kumntwana?

---

---

---

---

2. Yiluphi ulwazi uBusi okufanele abanike lona mayelana nokuvakashela esikhungweni sezempilo okulandelayo?

---

---

---

---

UThandi utshela uBusi ukuthi ukhathazekile ngendlela yokuqhubeka nokuncelisa uma esebuyela emsebenzini. Usebenza kude kakhulu futhi ngeke akwazi ukuza ekhaya phakathi nosuku ukuze azoncelisa umntwana.

3. Chaza ukuthi yini engase yenziwe ukuqinisekisa ukuthi umntwana uncela ubisi lwebele kuphela.

---

---

---

4. Izinkomishi zokugcina ubisi kufanele zihlanzwe kanjani zibulawe amagciwane?

---

---

---

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

### Indaba Eyisibonelo

5. Khombisa indlela uBusi angaqapha ngayo ukukhula komntwana ukuze aqinisekise ukuthi umntwana ukhula kahle.

---

---

---

---

6. Njenge-CCG esebenza kulo mphakathi, yimaphi amanye amaphuzu noma usizokalo ongaxoxa ngazo ukuze usize abakwaMokoena?

---

---

---

---

---

---

---

### OKUHLOSIWE NGALESI SIFUNDO

Isifundo 3.6 sihlose ukukucobelela na ulwazi mayelana noPhila Mntwana namakhono adingekayo ezikhungweni ze Phila Mntwana.

#### Okuqukethwe Yilesi Sifundo

Ekupheleni kwalesi sifundo abafundi kufanele babe nolwazi (oluqondene nezingane ezineminyaka yobudala engaphansi kwengu-5):

- Ukunikeza ukuvikela okuphelele nokuthuthukisa ezempilo ezingeni lomphakathi
- Ukunikeza ubuholi bomphakathi kanye namalungu 'e-War Room' ukuqonda okulula kwesimo sempilo sezingane zewadi, ukuze kuthathwe izinyathelo zokulungisa uma kudingekile
- Ukuqapha isimo sokondliwa nesezempilo
- Ukuhlonza nokudlulisela lezo ezingondlekile kahle, ezinesifo sohudo, i-TB kanye nezinye izimo zempilo ngokushesha
- Ukuhlonza nokudlulisela lezo ezidinga ezinye usizo zeminyango kahulumeni
- Ukuqonda Amathuluzi Okubika kaPhila Mntwana

#### Okuqukethwe Kulesi Sifundo

- Okuqukethwe ngokuphelele u Phila Mntwana
- Ukuhlela Isikhungo sePhila Mntwana
- Indima yakho njenge-CCG esikhungweni sePhila Mntwana
- Amathuluzi Okubika ePhila Mntwana
- Amapheshana olwazi

#### Kutholalalaphi

1. Umgungundlovu Health District, Provincial Child Health and Operation Sukuma Sakhe. Phila Mntwana Implementation Toolkit. KwaZulu-Natal Province. 2013

#### Indima yakho njenge-CCG

Ukuqiniseka ukuthi uyakuqaphela ukukhula nokuthuthuka komntwana; futhi uqaphe *Ibhuku Lendlela Eya Empilweni* ukuze uqiniseke ukuthi ingane ikhula futhi ithuthuka ngendlela eyiyona . Futhi, kufanele ukwazi ukufundisa ngolwazi lwezempilo lokuvikela olufanele esikhungweni sePhila Mntwana ukuze uqinisekise ukuthi umama/umnakekeli uyisa ingane yakhe esikhungweni sezempilo ukuze iyohlolwa. Gcwalisa ibhuku yePhila Mntwana bese uthumela amathuluzi okubika ngomsebenzi owenzile njengoba kudingekile.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.6

Phila Mntwana

### 1. Okuqukethwe ngokuphelele ngoPhila Mntwana

#### a. Isidingo se Phila Mntwana

Ukuthi 'Phila Mntwana' kusho 'ukuphila komntwana ngendlela efanele'. Izingane eziningi ziyafa ngenxa yokungondleki kahle, uhudo, i-TB, izifo ezihlobene ne-HIV. Ezinye zalezi zingane zishonela ekhaya kanti ezinye eziningi zishonela ezibhedlela. Lokhu kungenxa yokuthi umtholampilo noma isibhedlela sikude noma umama/umnakekeli uphuzile ukufuna ukunakekelwa okusheshayo ngenxa yokungabi nolwazi. Izikhungo zePhila Mntwana zethulwe ukuze zisize ukunqanda ukufa nokugula kwezingane ezingaphansi kweminyaka yobudala engu-5. Isinyathelo sePhila Mntwana sixhumene nama War Rooms ngaphansi kwe-Operation Sukuma Sakhe, uhlelo lukaHulumeni Wesifundazwe. Abanakekeli Bomphakathi bazonikeza usizo lokuvikela nokuthuthukisa ulwazi ezikhungweni zePhila Mntwana; besizwa Imitholampilo Engomahamba-Nendlwana naMathimba Empilo Yomndeni noma kuphi uma kungenzeka khona. Lokhu kuzohlanganisa ukungenelela okusheshayo nokudlulisela izidingo lapho okudingeka khona.



#### b. Zizovulwa nini Izikhungo zePhila Mntwana?

Izikhungo zizovulwa nsukuzonke (uMsombuluko kuya kuLwesihlanu) ukuze kunikezwe ukunakekela okuvikelayo nokuthuthukisayo kuzo zonke izingane ezingaphansi kweminyaka yobudala engu-5 ngisho noma ziphile kahle.



#### Amcebiso Awusizo

Cela umama/umnakekeli ukuba alethe ingane yakhe, engaphansi kweminyaka yobudala engu-5, esikhungweni sePhila Mntwana esiseduze naye ngisho noma iphile kahle.

#### c. Yiluphi usizo olutholakala eziKhungweni?

#### Ukuhlolwa Kwesimo Sokondliwa kweZingane Ezingaphansi Kweminyaka Engu-5

- Ama-CCG umjikelezo wenkonyane (I-MUAC) kuzo zonke izingane ezinezinyanga ezingu-6 – 59. Ukukalwa kwe-MUAC kuzokwenziwa nyanga zonke ukuze kutholwe ukungondleki okubucayi ezinganeni ezinezinyanga ezingu-6 – 59 [Bheka kuSifundo 3.5, Isigaba 6, 7 no-8 esimayelana Nokuqapha Ukukhula]

#### Ukuqapha Ukukhula

- Sebenzisa ishadi lesisindo ngeminyaka eBhukwini Lendlela Eya Empilweni (I-RTHB) ukuze uqiniseke ukuthi ingane ikhula ngokuvumelana nobudala bayo. Uma ingane ingenalo Ibhuku Lendlela Eya Empilweni, dlulisela umama/esikhungweni sezempilo



### Ukubuyiselwa Kwamanzi Emzimbeni Ngokuphuziswa

- Uma ingane inohudo, chazela bese utshengisa umama/umnakekeli indlela yokwenza Ingxube kaShukela-nosawoti (S-S-S)/Ingxube Yokubuyiselwa Kwamanzi Emzimbeni Ngokuphuziswa (I-ORS). Le ngxube kufanele inikezwe ingane kuze kube yilapho umama/umnakekeli esekwazi ukuhambisa ingane esikhungweni sezempilo [Bheka iSifundo 3.5 Isigaba 10D Uhudo ngaphansi kwesigaba samakhambi Asekhaya Ezingane Ezigulayo]

### Ukuncelisa ibele

- Ukukhuthazwa nokufundiswa ngokuncelisa ibele kuphela komama [Bheka iSifundo 3.4, Isigaba 7 Ukufunza Usana]

### Ukugonywa

- Hlola *Ibhuku Lendlela Eya Empilweni* bese ukhumbuza umama/umnakekeli ukuba ahambise ingane esikhungweni sezempilo ukuze igonywe ngokuvumelana Nohlelo Lokugonywa [Bheka iSifundo 3.5, Isigaba 13 Kuyini Ukugonywa, futhi kungani kubalulekile]

### Inhlalakahle

- Nikeza isenezelelo sikaVithamini A ezinganeni ezinobudala obuphakathi kwezinyanga ezingu-12 – 59 futhi kuphindwe njalo ezinyangeni ezingu 6
- Hlola *Ibhuku Lendlela Eya Empilweni* uma ingane kufanele iyokhishwa izikelemu futhi uyidlulisele uma kudingeka ukukhipha izikelemu
- Sebenzisa Ithuluzi Lokuhlola I-TB [Bheka kwi Ngxenyana 4, Isifundo 4.5 kuSigaba 1 iyini i-TB] ukuze kuhlolwe i-TB kumama/umnakekeli futhi kubuzwe ukuthi ukhona yini ekhaya onezimpawu ezibhalwe kuThuluzi Lokuhlola I-TB. Dlulisela umama/umnakekeli kanye nalabo bantu abanezimpawu esikhungweni sezempilo
- Ingane kufanele ihlungelwe i-TB kusetshenziswa Isiliphu Sokudlulisela Sokuhlungelwa Kwengane Isifo Sofuba [Bheka ibhuku lamathulizi ezinsiza zokusebenza, Isigaba D, Ukuhlungelwa Isifo Sofuba] bese udlulisela uma kudingekile. Hlunga ingane uma kukhona noma iliphi ilunga lomndeni/noma umnakekeli onezimpawu zesifo sofuba TB
- Sabalalisa Amakhondomu Abesilisa Nawesifazane [Bheka kwi Ngxenye 4, Isifundo 10 Ukunqandwa kwe-HIV Nezifo zocansi: Indima Yamakhondomu]
- Uhlelo lokuhlolwa nokululekwa olunikezwa esikhungweni sezempilo umsebenzi wezempilo (PICT) – Ukuthunyelwa kwabantwana abanezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili nangaphezulu
- Fundisa omama mayelana nokulawula inhlalakahle yezingane zabo
- Zonke izingane ezivakashela Isikhungo sika Phila Mntwana kufanele zibe *neBhuku Lendlela Eya Empilweni* (i-RTHB)



#### Amacebiso Awusizo

Cela umama/umnakekeli ukuba aphaathe *Ibhuku Lendlela Eya Empilweni* lomntwana kukho konke ukuvakasha kwiSikhungo sePhila Mntwana.

# INgxenye 3

## Impilo Kamama Nengane

# 3

## Isifundo 3.6

Phila Mntwana

### Izinhlelo zomphakathi

- Ukuqaphwa kwezikhungo zama ECD nenani labantwana ababhalisiwe abaneminyaka ewu 3 – 5
